

Unikezwe imvume yokungena ePlatifomu YeSuvoda (“iPlatifomu”) ngokubamba kwakho iqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi (noma njengomnakekeli wombambiqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi), noma ngokungena okugunyaziwe okunikezwe ikhasimende leSuvoda (“iKhasimende”) ngenjongo yokuthi wenze amasevisi athile egameni leKhasimende, noma unikeze ilungelo lokuthola nge-inthanethi imikhiqizo namasevisi eSuvoda. Le Platifomu yakhiwa imikhiqizo yeSuvoda LLC, okuyinkampani yase-U.S. ehhovisi layo lizinze e-181 Washington Street, Suite 100, Conshohocken, PA 19428, USA, kanye nezinkampani ezihlangene nayo (kusukela lapha kuqhubeke, sezihlangene ezizobizwa ngokuthi “yiSuvoda,” “yiGreenphire,” “si-,” “okwethu,” noma “thina”) okuhlanganisa, kodwa kungagcini lapho, ne-Interactive Response Technology (“IRT”) yaseSuvoda, i-eConsent (iMvume Enikezwa Ngezobuchwepheshe), Scheduling (Ukushejula), i-Greenphire Travel (uHambo Nge-Greenphire), i-Electronic Clinical Outcomes Assessment(s) (“eCOA”) (Ukuhlaziya Ngezobuchwepheshe Ushintsho Ngenxa Yokwelashwa), i-Greenphire Patient Payments (Ukukhokhelwa Kweziguli YiGreenphire), i-Budgeting and Benchmarking (Ukwenza isabelo-mali nokuBeka Izindinganiso), kanye nemikhiqizo ye-Site Payment (ukuKhokha Nge-inthanethi) namanye amasevisi ahlobene nako (“amaSevisi”). Ngokuhlobene neSevisi, ungase futhi unikezwe ukufinyelela kudivayisi, ikhadi le-SIM noma olunye uhlobo lwezinto ezibonakalayo (“Imishini”). Ngezinjongo zale Mibandela Yokusebenzisa (“iMibandela”), lapho kukhulunywa khona “ngePlatifomu” kusuke kubalwa ne-Hardware kanti lapho kukhulunywa khona “ngeZinkampani Ezihlangene Nayo” kushiwo noma iyiphi inhlangano noma enye indikimba elawula, elawulwa, noma elawulwa kanye, naleyo nhlangano okukhulunywa ngayo.

Ngokusebenzisa iPlatifomu, wamukela futhi uvuma ukuboshwa yile Mibandela nokuthi uzohambisana nayo kanye neSaziso sethu Mayelana Nengasese, esitholakala ngezansi.

1. **Ukungenana kuPlatifomu.** ISuvoda ikunika ilayisenise okungeyona eyakho wedwa, engadlulisileleki kwabanye, engenakuhlanganyelwa nabanye, engase ihoxiswe, enemingcele, yokuthi usebenzise futhi ungene kuPlatifomu, futhi ngezinga okusebenza ngalo, wenze amaSevisi egameni leKhasimende. Uyaqaphela ukuthi iPlatifomu igcinwa kuyi-cloud yenkampani ehlinzeka ngesevisi yokugcina ku-cloud (“uMhlinzeki Wendawo Ku-cloud”). ISuvoda ayinawo umthwalo wezinto ezenziwa noma ezingenziwa uMhlinzeki Wendawo Ku-cloud. Uhlu olunezibonelo, olungaphelele, lwalokho iPlatifomu engasetshenziselwa kona luhlanganisa nalokhu: (a) ukukuvumela ukuthi uthumele amarisidi embuyiselo; (b) ukubheka imali esele emakhadini asebhange nomlando wokuphuma nokungena kwemali; (c) ukudlulisela izimali e-akhawuntini yakho yasebhange; (d) ukubika ikhadi elilahlekile noma elebiwe; (e) ukubheka izitatimende ze-akhawunti; (f) ukukuthumela izaziso; (g) ukuhlinzeka amasevisi ohambo; (h) ukuhlinzeka amasevisi okukhuthaza umphakathi, okusiza nawokufundisa; (i) ukufunda nokugunyaza amadokhumenti emvume esekelwe olwazini; (j) ukuphendula imibuzo yezinhlobo-vo; kanye (l) nokuhlaziya imikhiqizo yekhompuyutha yezivivinyo zokusebenza kwemithi kane ne-Hardware ehlobene nayo.
2. **Izinguquko kuyiPlatifomu.** Siyaligodla ilungelo lokuthuthukisa, lokwenza ngcono, lokulungisa, noma lokumisa izici zePlatifomu noma ukusebenza kwayo ngezikhathi ezithile (sekuhlangene, “Ukulungisa”).
3. **Ukulondeka.** Sisebenzisa izivikelo ezihloselwe ukuvikela imininingwane yomuntu esiyiqoqa kuwe ukuze ingalahleki, ingasetshenziswa kabi, ingabonwa abantu abangagunyaziwe, ingadalulwa, ingaguqulwa futhi ingabhujiwa. Siyaligodla ilungelo lokuvimba okwesikhashana ukungena kuPlatifomu uma kusolwa ukuthi kugqokeziwe nokwenzeke ngempela. Nokho, alukho uhlelo lokulondeka olungagqokezeki nhlobo. Asinasibopho sanoma imuphi umonakalo owenziwe ngokuhlobene nanoma yikuphi ukufinyelela okungagunyaziwe okuwumphumela wokwenza noma ukungenzi kwakho noma kwanoma iyiphi inkampani yangaphandle.
4. **IziNsiza Zezinye Izinkampani.** IPlatifomu ingase ikuvumele ukuthi uxhume ku-software yezinye izinkampani, ebuchwephesheni bezinye izinkampani

futhi/noma ikunikeze amalinki angena ezingosini zewebhu, kokuqokethwe, noma ezinsizeni zezinye izinkampani (sekuhlangene, "iziNsiza Zezinye Izinkampani"). Asinasibopho ngokuqokethwe kwanoma yiziphi iziNsiza Zezinye Izinkampani, nanoma izinguquko noma izibuyekezo ezenziwa kulezo ziNsiza Zezinye Izinkampani. ISuvoda ngeke ibe nesibopho noma ibe necala nganoma yimuphi umonakalo noma ukulahlekela okubangelwe noma okuthiwa kubangelwe noma okwenzeke ngokuhlobene nokusebenzisa kwakho noma ukuthembela kwakho kunoma yikuphi okuqokethwe, izimpahla noma amasevisi atholakala eziNsizeni Zabantu Abaseceleni noma ngokuzisebenzisa.

5. **Impahla-buchopho.** IPlatifomu kanye nako konke okwayo okwenziwe ngcono, okuthuthukisiwe, okuguquliwe, ukwenziwe ngokwezifiso, imisebenzi ethathelwe kweminye, ama-algorithms, okuhlanganisiwe, ukuqoqiwe, ikhodi engumsuka kanye/noma ikhodi ekhiqizwe isihlanganisi, namakhophi ayo, kanye nalo lonke ulwazi, izindlela, izinqubo kanye nayo yonke impahla-buchopho eqokethwe kuyo (sekuhlangene, "iMpahla-buchopho") kuyimpahla yeSuvoda futhi kuyohlala kuyimpahla yayo. ISuvoda inelungelo futhi izoligcina lelo lungelo netayitela elikhethekile ngokuqondene nalo lonke ilungelo lobusunguli, ilungelo lokukopisha, uphawu lohwebo, imfihlo yohwebo kanye nawo wonke amanye amalungelo empahla-buchopho kanye neMpahla-buchopho. Akukho lutho kule Mibandela okuzothatha njengokuwukudlulisela kuwe noma yiziphi izici zalawo malungelo ngaphandle kwelungelo lakho elilinganiselwe lokusebenzisa nokungena kule ngokuvumelana nale Mibandela Yokusebenzisa. ISuvoda izoba nelungelo lokubhalisa kunoma yisiphi isiphathimandla sikahulumeni nomaphi emhlabeni amalungelo obusunguli, izimpawu zohwebo kanye namalungelo okukopisha ahlobene nePlatifomu. Ukuze kugwenywe ukungaqiniseki, awuyena umnikazi wanoma iyiphi i-Hardware nanoma iyiphi impahla-buchopho elapho noma ehlobene nayo. Kuzoba umthwalo wakho ukuvikela yonke i-Hardware yekhompu yutha futhi uyibuyisele zisesimweni esihle sokusebenza njengoba kusho umxhasi oyinkampani ethaka imithi, ye-biotechnology, noma yedivaysi yezokwelapha ("uMxhasi") wakuleso sivivinyo noma ucwaningo lokusebenza komuthi ("uCwaningo") noma lowo oqokelwe uMxhasi, kungabalwa ukuguga nokulimala okuvamile. ISuvoda kanye/noma abanikeza iSuvoda ilayisense bahlala kuyibo kuphela abanikazi bawo wonke amalungelo, amatayitela, kanye nezinzuzo kumaSevisi. Ngaphandle kwalokho okushiwo kule Mibandela, iSuvoda ayikuniki malungelo obunikazi, malungelo okukopisha, zimfihlo zohwebo, izimpawu zohwebo, nanoma imaphi amanye amalungelo maqondana nezinto eziku-Hardware.
6. **Ubumfihlo.** Impahla-buchopho yeSuvoda kanye nanoma yiluphi olunye ulwazi oluyisifuba noma lobunikazi oluhlobene neSuvoda kanye/noma iPlatifomu ("uLwazi Oluyimfihlo") luyimfihlo futhi akufanele kudalulwe kubantu bangaphandle kwemvume ebhaliwe yeSuvoda. Uzokuvikela ukuba yimfihlo koLwazi Oluyimfihlo ngendlela efanayo ovikela ngayo olwakho ulwazi lobunikazi noluyimfihlo lohlobo olunejngalolu, kodwa hhayi nanini ngezinga elingaphansi konakekela ngalo ngokusesilinganisweni esifanele sokuvikela uLwazi Oluyimfihlo. Uma uphoqwa umthetho ukuthi uludalule uLwazi Oluyimfihlo, uzoyazisa kusengaphambili iSuvoda ngalokho kuphoqwa ukuthi udalule (ngezinga elivunyelwe umthetho) nosizo olunengqondo, ngaphandle kokufaka iSuvoda ezindlekweni, uma sifisa ukukuphikisa lokho kudalula. Uzulubuyisela noma ulushabalalise lonke uLwazi Oluyimfihlo lapho lungasadingeki noma ekupheleni kwale Mibandela, kuye ngokuthi ikuphi okwenzeka kuqala. Izibopho zakho ngaphansi kwalesi sigaba sesi-6 zizoqhubeka lapho iqedwa le Mibandela.
7. **Ukusebenzisa iPlatifomu.** Le Platifomu ungayisebenzisa ngokuqondene namaSevisi kuphela, futhi konke ukusebenzisa kuzokwenziwa ngokuvumelana nale Mibandela kanye nomthetho osebenzayo. Ukuze kugwenywe ukungaqiniseki, uyavuma ukuyigcina nokuyithobela yonke imithetho esebenzayo, amaKhodi Okusebenza (njengoba echazwe ngezansi), kanye nanoma yimiphi imiyalelo noma imigoqo owaziswe ngayo yiSuvoda noma indikimba efanele eqhuba uCwaningo. "AmaKhodi Okusebenza" asho zonke iziqondiso ezilawula ukusebenzisa noma ukuhlinzekwa ngezindlela zokuxhumana ngomakhalekhukhwini kanye namasevisi edatha ezikhishwa inoma yiziphi izindikimba eziqashelwa ngokuvamile noma ezamukelwa iSuvoda noma abahlinzeki bayo bangaphandle ngezikhathi ezithile. Zonke izimali ezinikwa labo ababambe iqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi ("Ababambiqhaza") kufanele zikhishwe ngokwesivumelwano esisebenzayo sesivivinyo sokusebenza komuthi, zikhishelwe izinjongo ezisemthethweni ezihlobene nesivivinyo sokusebenza komuthi noma izinsizakalo ezigunyazwe ngokwesivumelwano lapho imbuyiselo eya kubabambiqhaza isemthethweni futhi ifanelekile, futhi ihambisana nemithetho yePlatifomu. Amagama omsebenzisi namaphasiwedi akufanele anikwe adluliswe noma asetshenziswe abantu abangaphezu koyedwa. Uzosebenzisa imizamo enengqondo ngokwezentengiselwano ukuze unakekele i-inthanethi, i-hardware, i-software, namasistimu ahlobene nako ngokwezimfuneko ezijwayelekile zakule mboni noma ngaphezu kwazo. Uzoyazisa ngokushesha iSuvoda mayelana: (i) nanoma yikuphi ukungena noma ukusebenzisa okungagunyaziwe; (ii) uma noma iyiphi i-akhawunti yomsebenzisi noma yoMbambiqhaza noma imininingwane yomuntu siqu ilahleka noma yebiwa; noma (iii) uma uthola ukwazi ngokuthi othile, kuhlenganise nabanye abasebenzisi noma ababambiqhaza, uyephulile le Mibandela. Ngokusebenzisa le Platifomu, umSebenzisi ngamunye uthi ungaphezu kweminyaka engu-18 ubudala. ISuvoda inelungelo lokusebenzisa noma yiziphi izindlela zobuchwepheshe ezidingekayo ukuze iqinisekise ukuthi ukusetshenziswa kwePlatifomu kuhambisana le Mibandela futhi inqamule noma yikuphi ukusetshenziswa okungagunyaziwe kwePlatifomu.
8. **Ukugunyaza Ukubopha uMqashi noMqashwa Ekusebenziseni iPlatifomu.** Uma iPlatifomu uyisebenzisa emkhakheni wakho wokuba umqashwa noma i-eyenti yenkampani nanoma iyiphi enye inhlangothi esemthethweni, uqinisekisa ukuthi ugunyaziwe ukubopha ngokusemthethweni leyo nkampani, indikimba kanye nanoma yiziphi izinkampani Ezihlangene nayo. Uma ungenalo leli gunya, akumelwe uyamukele le Mibandela futhi akumelwe usebenzise le Platifomu nganoma iyiphi indlela. Uma ukugunyaziwe ukubopha ngokusemthethweni leyo nkampani noma indikimba, kufanele uzigcine izibopho leyo nkampani noma enye inkampane okumelwe izigcine ngaphansi kwale Mibandela lapho usebenzisa le Platifomu.

Uma iPlatifomu uyisebenzisa emkhakheni wakho wokuba umqashwa noma i-eyenti yenkampani nanoma iyiphi enye inhlangothi esemthethweni,

ngokuhlobene nababambiqhaza bocwaningo ohlaziya noma olungisa imininingwane yabo usebenzisa amaSevisi, uqinisekisa ukuthi:

- Uyitholile imvume eyanele ebhaliwe, noma uqinisekisele ukuthi uMbambiqhaza noma ummeleli ogunyazwe ngokusemthethweni woMbambiqhaza, ukuvume ngokwanele lokho, kumbambiqhaza noma ngokuqondene nomuntu ngamunye okuthathwa idatha yakhe, ofaka idatha ngokuqondene naye kumaSevisi, mayelana nokusingathwa kwalolu lwazi yiSuvoda, okuhlanganisa, ngaphandle komkhawulo, ukudluliswa kwalolu lwazi ngaphandle kwe-European Economic Area, i-United Kingdom kanye ne-Switzerland,;
- Uyitholile kumuntu ngamunye okuthathwa idatha yakhe (noma kumnakekeli womuntu okuthathwa idatha yakhe, uma kusebenza) ongathola nge-imeyili noma ngenye indlela yokuxhumana ngezobuchwepheshe mayelana noCwaningo, imvume ebhaliwe yokuthola leyo miyalezo ngendlela oyihlinzekwe uMxhasi; futhi
- Uzosazisa, ngokushesha kodwa lungakapheli usuku olulodwa (1) lwebhizinisi ngemva kokuba wazile ngalelo qiniso, nganoma yiliphi ikheli le-imeyili noma ngomunye umniningwane wokuxhumana okungasafanele imilayezo iphinde ithunyelwe khona, ngenxa yokuthi (i) umuntu okuhloswe ukuthunyelwa kuye umlayezo akaseyena umsebenzisi ovamile walelo kheli le-imeyili; (ii) umamukeli womlayezo ukhombisa, nganoma iyiphi indlela, ukuthi akasafisi ukuthintwa; noma (iii) nganoma yisiphi esinye isizathu.

9. **Ukusetshenziswa KweDatha Yomuntu Siqu.** IDatha Yomuntu Siqu (njengoba ichazwe ngezansi) ingase icelwe kubaSebenzisi kanye/noma kubaBambiqhaza njengengxenywe yenqubo yokubhalisa kuPlatifomu kanye nokusetshenziswa kwayo ngemva kwalokho. Kuye ngamaSevisi ahlinzekwayo, singase siqoqe futhi sisingathe iDatha Yomuntu Siqu ukuze sinikeze izikhungo zezimali nabahlinzeki besevisi, kanye/noma amaKhasimende eSuvoda ulwazi oluceliwe ukuze sinikeze amaSevisi (ahlanganisa nePlatifomu) futhi/noma ngenxa yokuthi siphokwa umthetho ukwenza kanjalo, noma njengoba kushiwo eSazisweni sethu Mayelana Nengasese. Le Datha Yomuntu Siqu singase futhi siyisebenzise nganoma iyiphi indlela evunyelwe umthetho. UmSebenzisi ngamunye usinika ngokucacile imvume yokusebenzisa iDatha Yomuntu Siqu ngezinjongo ezibekwe eSazisweni Mayelana Nengasese, okuhlanganisa, ngaphandle komkhawulo, ukumthinta ngokuphathelene nemibuzo ehlobene nePlatifomu, izinhlobo-vo, ukunakekelwa kwamakhasimende, nokusizwa ngezobuchwepheshe okuhlobene namaSevisi. "IDatha Yomuntu Siqu" wulwazi oluhlonza wena ngokukhethekile, oluhlobene nawe, oluchaza wena, noma okungenzeka ngokunengqondo ukuthi luhlotshaniswe noma luxhunyaniswe nawe. IDatha Yomuntu Siqu izophathwa ngokuvumelana [neSaziso sethu Mayelana Nengasese](#) leso ovumayo ukuthi sikubophe.
10. **IMininingwane Yempilo Neyokwelashwa.** Ezimweni ezingezingakanani, iDatha Yomuntu Siqu ingase ihlanganise nemininingwane yempilo evikelwe (protected health information ("PHI")). I-PHI ingase isetshenziswe yithi ngezinjongo, ezihlanganisa, ngaphandle komkhawulo, nalezi ezilandelayo: (a) ukusebenzisa iPlatifomu; (b) ukunikeza abaqhubi noma abaphathi besivivinyo sokusebenza komuthi ulwazi oludingekile; (c) ukusingatha izinkokhelo ozikweletwayo; noma (d) njengoba kuvunyelwe umthetho osebenzayo. Ngale latfom ngeke uthumele lwazi noma iMininingwane Yombambiqhaza (njengoba ichazwe ngezansi) edinga ukunakwa ngokushesha noma ngokuphuthumayo abezokwelapha. Ezimweni ezinjalo uzoshayela u-9-1-1 noma abezempilo. Akukho lutho kule Platifomu oluhloswe ukuthi luthathe isikhundla sokuthinta abezempilo ngendlela efanele futhi kusenesikhathi.
11. **Ukuxhumana Nawe.** Ngokusebenzisa Platifomu, ugunyaza thina neziNkampani Ezihlangene nathi, ama-ejenti ethu, okudluliselwa kubo nabasihlinzeka ngamasevisi (sekuhlangene, "Izinhlaka Zokuthumela Imilayezo") ukuthi sixhumane nawe kanye/noma Abamukeli sisebenzisa amaPlatifomu okudayela ngokuzenzekelayo, amasistimu okwenziwa okuthumela imiyalezo yezwi noma erekhodwe ngaphambili, amasistimu okuthumela imiyalezo ebhaliwe nama-imeyili azenzakalelayo, ngaphezu kokuthinta ngale Platifomu ngokwayo, ukuze sikunikeze lonke ulwazi olubalulekile. Izinhlaka Zokuthumela Imiyalezo zigunyaziwe ukukuthinta ngalezo zindlela zisebenzisa noma yiziphi izinombolo zocingo (okuhlanganisa nezinombolo zewayilense, zasendlini, ze-VOIP kanye nalokho ngemva kwalokhu okuzobizwa ngokuthi ubuchwepheshe obuthuthukisiwe) noma amakheli e-imeyili esinikezwe wona. Ngokusebenzisa le Platifomu, uvuma ngokucacile ukusivumela ukuthi sikuthinte ngezinjongo ezilandelayo lapho kusebenza khona:
1. Ukukucela ukuthi ubambe iqhaza ezinhlolelweni-vo (ngayinye "iNhlolo-vo").
 2. Ukukuthumela izikhumbuzo ezihlukahlukene, okuhlanganisa nalezo ezikukhumbuzo: (i) ngama-aphoyintimenti azayo; (ii) ngezinsuku nemisebenzi ebalulekile ehlobene nokubamba kwakho iqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi; kanye (c) nokuthi uphuze imithi yakho.
 3. Ukucela ukuthi ubambe iqhaza kwezinye izivivinyo zokusebenza kwemithi (ngasinye "Esinye Isivivinyo"). Ukuze ukwazi ukusebenzisa futhi ungene kuPlatifomu, awubophekile ukubamba iqhaza kunoma isiphi Esinye Isivivinyo.
 4. Ukuthi sithole izimvume ezidingekayo.
12. **Ukuhlaziya Kwedatha.** Ugunyaza thina neziNkampani Ezihlangene Nathi, ama-ejenti, osonkontileka, ophathina bethu ebhizinisini, abasihlinzeka ngamasevisi, abasilandelayo nokudluliselwa kubo ukuthi siqoqe, sisuse izihlonzi, sihlanganise, sihlaziye, futhi/noma sisebenzise ulwazi lwezindinganiso, lokusebenzelana noma lokusebenza noma nanoma iyiphi enye idatha eqoqwe noma ekhiqizwe yiPlatifomu, ehlanganisa nanoma iyiphi idatha osinika yona noma oyifaka kuPlatifomu (sekukonke iDatha Yokuhlaziya). IDatha Yokuhlaziya singase siyisebenzise noma siyidalule ngokubona kwethu; inqobo nje uma le datha yokuhlaziya siyinika izinkampani zangaphandle ngaphandle kwamaSevisi, leyo Datha Yokuhlaziya ayizukwaziwa ngokuqondene nawe, wena Khasimende, nomphenyi, nesikhungo sophenyo, noma umbambiqhaza ocwaningweni lokusebenza komuthi, futhi ngeke ibe nemininingwane engamdalula umuntu.
13. **IMininingwane Yombambiqhaza.** IPlatifomu ikuvumela ukuthi ufake ulwazi nedatha emayelana nokubamba kwakho iqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi, noma nokubamba iqhaza kombambiqhaza osebenza njengomnakekeli wakhe (sekuhlangene, "iDatha Yombambiqhaza."). Yonke iMininingwane Yombambiqhaza efakwe noma e-aphulodwe nguwe kuyiPlatifomu, noma eqoqwe noma esingathwe nguwe njengengxenywe

yokusebenzisa kwakho iPlatifomu iyisibopho sakho wedwa. Uyasho futhi uyaqinisekisa ukuthi, ngokokwazi kwakho, ungumnikazi noma unawo amalungelo adingekayo, amalayisense, izimvume kanye nezimvume zokudala, ukulayisha, ukudlulisa noma ukusebenzisa yonke imininingwane yombambi qhaza, nokuthi, ngokokwazi kwakho, iMininingwane Yombambiqhaza ayingeneli noma ayiwephuli amalungelo omuntu oseceleni eMpahlabuchopho. ISuvoda inelungelo lokuyisusa noma imiphi iMininingwane Yombambiqhaza ephula le Mibandela noma imithetho esebenzayo. Unika uSuvoda ilungelo elilinganiselwe lokuqoqa, ukusebenzisa, ukukhiqiza kabusha, ukusabalalisa, ukudlulisa kanye nokwenza okutholwe kudatha yeSihlanganyeli kuphela maqondana nokuhlinzekwa kwePulatifomu nguSuvoda nanoma yiluphi usizo olunikezwayo.

14. **Imikhawulelo.** Ngaphandle kwalapho kuvunyelwe khona yile Mibandela, ngeke, futhi uyavuma ukuthi ngeke, ugunyaze, ukhuthaze, noma uvumele umuntu oseceleni ukuthi: (a) alungise, avumelanise, ashintshe, ahumushe, noma akhe imisebenzi ethathelwe kuPlatifomu; (b) adayise, anikeze ilayisense, asabalalise, adlulisele, aqashise, abolekise, noma adlulisele iPlatifomu ngandlela thile, noma enze iPlatifomu itholakale komunye umuntu, noma ayisebenzise egameni lakhe; (c) asebenzise noma yiziphi izihlaziyo, idatha, okuqukethwe, noma okunye okukhishwayo, okudalwe ngePlatifomu noma okudalwe kuyo egameni lanoma imuphi umuntu oseceleni, noma ukumenzela amasevisi noma ukufaka lezo zihlaziyo, idatha, okuqukethwe noma okunye okukhishwayo kunoma imaphi amasevisi noma imikhiqizo ehlinzekwa nguwe kumuntu oseceleni; (d) anjiniyele nyovane, ahlakaze, aqaqe noma azame ngandlela thile (i) ukunqoba, ukugwema, ukususa, ukwenza kungasebenzi noma ukweqa noma yiziphi izindlela zokuvikela ezikuPlatifomu, kuhlanganise, ngaphandle komkhawulo, nanoma iyiphi indlela enjalo esetshenziselwa ukukhawulela noma ukulawula ukusebenza kwePlatifomu noma abasebenzisi bayo abagunyaziwe noma (ii) ukuthola kuyiPlatifomu ikhodi ewumnyombo noma imibono eyisisekelo, ama-algorithm, ukwakheka noma ukuhlalelwa; (e) asuse, aguqule noma afihle noma yiziphi izaziso zobunikazi ngaphakathi kwePlatifomu; (f) avumele noma ubani ongagunyaziwe ngokucacile yile Mibandela ukuthi angene kuPlatifomu; (g) achome kuPlatifomu imininingwane noma izinto eziyichilo, ezingekho emthethweni noma ezinye ezingafanele, achome kuPlatifomu imininingwane noma izinto ezingabangela ukumangalelwa enkantolo noma ukufunwa kwamademeshe; noma uchome noma afake ePlatifomu noma imiphi imininingwane angenawo amalungelo anele okuyifaka; (h) athathe noma yisiphi isinyathelo esisongela ukuphepha, ukusetshenziswa noma ukusebenza okufanele kwePlatifomu; (i) avumele noma yimuphi umuntu noma ibhizinisi elenza imikhuba yohwebo engekho emthethweni noma ekhohlisayo nanoma yiziphi ezinye izinqubo ezivinjelwe ngaphansi komthetho osebenzayo ukuthi angene kuyiPlatifomu; noma (j) enze isenzo noma ahluleke ukwenza nganoma iyiphi indlela ngokuqondene nokusebenzisa kwakho amaSevisi ezokwenza noma engase yenze ukuthi iSuvoda nanoma yimuphi omunye umuntu wesithathu ephule noma yiziphi izinhlinzeko zomthetho osebenzayo noma zekhodi yokwenza, noma zanoma imaphi amanye amalayisensi noma izigunyazo.
15. **Ukuqapha.** ISuvoda iyaligodla ilungelo lokurekhoda, ukuqapha noma ukuhlola imisebenzi eyenzeka ngePlatifomu noma ehilela iPlatifomu kanye/noma ukuphenya noma yiziphi izinsolo zokuthi kukhona umsebenzi owenzeka ngePlatifomu noma ohilela iPlatifomu ongahambisani nale Mibandela nemithetho esebenzayo. Awuvunyelwe ukukuvimbela ngokungafanele lokho kuqapha noma ukuhlola, futhi uyolunikeza lolu lwazi oluhlobene nokusetshenziswa kwePlatifomu lapho lucelwa yiSuvoda ngokunengqondo futhi oludingekile ukuze kuqinisekise ukuhambisana nale Mibandela.
16. **Lapho Ikhona Imininingwane.** Uyavuma ukuthi imininingwane izogcinwa ezindaweni zokulondoloza ezehlukahlukene. Le mininingwane iSuvoda izoyigcina ngokuvumelana nayo yonke imithetho, izimiso neziqondiso, ezisebenzayo okuhlanganisa nemithetho esebenzayo yokuvikelwa kwedatha.
17. **Ukuzihlangula Eziqinisekiseni.** IPlatifomu yenziwa ukuthi uyithole “njengoba injalo” futhi “njengoba itholakala”, ngaphandle kwanoma yikuphi ukugomela noma iziqinisekiso, ezishiwo ngokucacile noma ngokugigiyela. Njengesibonelo asisho futhi asiqinisekisi ukuthi ukusebenzisa kwakho iPlatifomu ngeke kuphazamiseke, kuyokwenzeka ngesikhathi, kuyoba okuvikelekile noma okungenaphutha. Uvuma ngokucacile ukuthi ukusebenzisa kwakho, noma ukungakwazi kwakho ukusebenzisa, iPlatifomu awunakubeka muntu icala ngako. IPULATIFOMU IHNLIKEZWA “NJENGOBA INJALO” FUTHI “NGOKUTHI IYATHOLAKALA”, NGAPHANDLE KWANOMA YIZIPHI IZETHULO NOMA IZIQINISEKISO, EZIVELA NGOKUSOBALA NOMA EZISHIWO NGOKUNGQALILE. SIZIHLANGULA KUZO ZONKE IZIQINISEKISO NOMA IMIGOQO ESHIWO NGOKUGIGIYELA, KUHLANGANISE NALEYO YOKUTHENGISEKA, YOKUFANELEKELA INHLOSO ETHILE, YOKUHLALA ISIKHATHI ESIDE, YETAYITELA, NEYOKUNGANYATHELWA KWAMALUNGELO.
18. **Ukunxeshezela.** Uzoyivikela iSuvoda, kanye nezikhulu, abaqondisi, abasebenzi, abasilandelayo kanye nesidlulisela kubo futhi ubabheke njengabangeyona ingozi ngokuqondene nokulahleka, izindleko, umonakalo, izikweletu, nezindleko (okuhlanganisa nezimali zabameli nezindleko zasenkantolo) okuhlobene nalokhu: (i) noma yiziphi izicelo-mali, izimangalo, noma izinqubo ezivela noma ezihlobene nokusebenzisa kwethu idatha ngokuhambisana nale Mibandela; (ii) noma yikuphi ukubizelwa enkantolo komuntu wesithathu noma umyalelo wezomthetho oyimpoqo noma inqubo efuna imininingwane; kanye (iii) nokwephula kwakho le Mibandela noma ukusebenzisa kwakho iPlatifomu, okuhlanganisa, kodwa kungacini lapho, nanoma yikuphi ukusebenzisa kwePlatifomu noma okuqukethwe amaSevisi, kanye nemikhiqizo ngaphandle kwalokho okugunyazwe ngokucacile kule Mibandela, noma ukusebenzisa kwakho noma yiluphi ulwazi olutholwe ePlatifomu noma kumaSevisi.
19. **Ukukhawulelwa Kwecala.** NGEZINGA ELIVUNYELWA NGUMTHETHO, ISUVODA, ABEZA EMVA KWAYO KANYE/NOMA OKUDLULISELWA KUBO, KANYE/NOMA NGAMUNYE WABAQONDISI, IZIKHULU, ABASEBENZI, AMA-EJENTI, OSONKONTILEKA, ABAPHAKELI, ABAHLINZEKI BAMASEVISI NOMA ABASINIKA AMALAYISENSE, ABETHU NABABO, NGEKE NANGAPHANSI KWASIPHI ISIMO BABEKWE ICALA NGANOMA IKUPHI UKULIMALA, UKULAHLEKA, ISICELO-MALI, NOMA IMAPHI AMADEMESHE ANOMA ILUPHI UHLOBO ADALEKE NGOKUQONDILE, NGOKUNGAQONDILE, NGEPHUTHA, NJENGESIJEZISO,

NGOKUKHETHEKILE, NOMA NJENGOMPHUMELA, KUHLANGANISE, KODWA KUNGAGCINI LAPHO, NEZINZUZO EZILAHLEKILE, IMALI ENGENAYO ELAHLEKILE, IZIMALI EZIGCINIWE EZILAHLEKILE, UKULAHLEKA KWEDATHA, IZINDLEKO ZOKUBUYISELA, NANOMA IMAPHI AMADEMESHE AFANA NALAWO, NGOKUSEKELWE ESIVUMELWANENI, ESENZWENI ESINGEMTHETHO (KUHLANGANISE NOKWENZA BUDEDENGU), ECALENI ELINGAHLOSIWE NOMA NGENYE INDLELA, ABANGELWA UKUSEBENZISA KWAKHO NOMA UKUNGAKWAZI KWAKHO UKUSEBENZISA IPLATIFOMU, NGISHO NOMA SAZISIWE UKUTHI LOKHO KUNGENZEKA. ISIBOPHO SETHU ESIPHATHELENE NOKUSEBENZISA KWAKHO NOMA UKUNGAKWAZI KWAKHO UKUSEBENZISA IPLATIFOMU, UKWEPHULA KWETHU LE MIBANDELA NOMA OKUNYE OKUVELA NGAPHANSI KWALOKHU ASIDLULI AMADOLA AYINKULUNGWANE EYODWA (\$1,000).

NGOKUNGENA KULE PLATIFOMU, KOKUQUKETHWE YIYO, NAKUNOMA IMAPHI AMASEVISI NOMA IZINTO EZITHOLAKALA NGEPLATIFOMU, UYAQONDA UKUTHI UNGASE UWADELE AMALUNGelo NGOKUQONDENE NEZIMANGALO EZINGAKAZIWA NOMA EZINGASOLWA NJENGAMANJE, FUTHI NGOKUVUMELANA, NALOKHO KUDELA, UYAVUMA UKUTHI UZIFUNDILE FUTHI UYAZIQONDA, FUTHI NGALOKHU UZIDELA NGOKUCACILE, IZINZUZO ZESIGABA 1542 SEKHODI YOMTHETHO WASE-CALIFORNIA, KANYE NANOMA YIMUPHI UMTHETHO ONJENGAWO WANOMA ISIPHI ISIFUNDAZWE NOMA INDAWO, OSHO OKULANDELAYO: “UKUDELWA KWAMALUNGelo AJWAYELEKILE AKWENABELI EZIMANGALWENI LOWO ODELAYO ANGAZAZI NOMA ANGASOLI UKUTHI ZIKHONA NGOKWENZUZO YAKHE NGESIKHATHI EDELA AMALUNGelo NALEZO, UKUBE EBEZAZI, EBEZINGABA NOMTHELELA OMKHULU EKULUNGISENI KWAKHE IZINDABA NOMKWELETAYO NOMA LOWO OKHULULIWE ECALENI.”

LOKHU OKUSEKUSHIWO AKULITHINTI ICALA ELINGENAKUKHISHELWA NGAPHLANDLE NOMA LIKHAWULELWE NGAPHANSI KOMTHETHO OSEBENZAYO.

20. **Ukudelwa kwamalungelo kanye nesiVumelwano Sokungamangaleli.** UYIKHULULA NGOKUGCWELE NAPHAKADE ISUVODA KANYE NABEZA EMVA KWAYO KANYE/NOMA OKUDLULISELWA KUBO, KANYE/NOMA NGAMUNYE WABAQONDISI, IZIKHULU, ABASEBENZI, AMA-EJENTI, OSONKONTILEKA, ABAPHAKELI, ABAHLINZEKI BAMASEVISI NOMA ABASINIKI AMALAYISENSE NABASEBENZISI (NGAMUNYE, “UHLANGOTHI OLUKHULULIWE”, BEHLANGENE, “IZINHLANGOTHI EZIKHULULIWE”) KUNOMA YIKUPHI NAKUKHO KONKE UKULAHLEKA, UKULIMALA, IZIMANGALO, (KUHLANGANISE NEZOBUDDEDENGU, KODWA KUNGAGCINI KUZO), IZIMFUNO, UKUMANGALELWA, IZINDLEKO, KANYE NANOMA YISIPHI ISIBOPHO SANOMA YILUPHI UHLOBO, KUWE NOMA KOMUNYE UMUNTU, OKUVELA, NGOKUQONDILE NOMA NGOKUNGAQONDILE, EKUSEBENZISENI KWAKHO NOMA EKUNGAKWAZINI KWAKHO UKUSEBENZISA IPLATIFOMU, NOMA NGOKUHLOBENE NAKO, NGISHO NOMA KUNGENXA YOBUDDEDENGU, ISENZO, UKUNGENZI KOKUNGAHLULELI KAHLE, NOMA ELINYE IPHUTHA ELENZIWE UHLANGOTHI OLUKHULULIWE. WENZA ISIVUMELWANO SOKUNGASIFAKI ISIMANGALO ESINJALO NGOKUMELENE NANOMA ILUPHI UHLANGOTHI OLUKHULULIWE, FUTHI UYIKHULULA NGOKUGCWELE NAPHAKADE INKAMPANI NAZO ZONKE IZINHLANGOTHI EZIKHULULIWE ECALENI NGAPHANSI KWALEZO ZIMANGALO.

21. **Ukukhetha Umthetho Ozosebenza.** Le Mibandela kanye nokusebenzisa kwakho iPlatifomu kuzobuswa futhi kuchazwe ngokuvumelana nemithetho ye-Commonwealth of Pennsylvania (USA), kungakhathaliseki izimiso ezisebenzayo zokusebenza komthetho ezimweni ezinokungqubuzana.

22. **Isivumelwano Sokulamula Izingxabano.**

- a. Thina nawe sivumelana ngokucacile ukuthi noma iyiphi ingxabano ehlobene nale Mibandela noma ukusebenzisa kwakho iPlatifomu izothunyelwa ukuthi ixazululwe ngaphansi kokwengamela kwe-JAMS, kusetshenziswa imithetho yokulamula ehlelekile ye-JAMS, <https://www.jamsadr.com/rules-streamlined-arbitration> (“ukuLamula”). UkuLamula kuyokwenzelwa emahhovisi eJAMS ePhiladelphia, Pennsylvania (USA). Izahlulelo zingaphoqeletwa kunoma iyiphi inkantolo emhlabeni enegunya ezindabeni ezinjalo. NGEZINGA ELIGCWELE ELIVUNYELWE UMTHETHO OSEBENZAYO: (i) THINA NAWE SIDELA NOMA ILIPHI ILUNGelo LOKUQULA ICALA PHAMPI KWETHIMBA LABEHLULELI NGENXA YENGXABANO EPHATHELENE NALE MIBANDELA NOMA UKUSEBENZISA KWAKHO IPLATIFOMU; FUTHI (ii) THINA NAWE SIYAVUMA UKUTHI AKEKHO PHAKATHI KWETHU OZOFAKA ISIMANGALO NGOMUNYE, SANOMA YILUPHI UHLOBO ESIPHATHELENE NALE MIBANDELA NOMA UKUSEBENZISA KWAKHO IPLATIFOMU NJENGOMMANGALI NOMA ILUNGU KUNOMA IYIPHI INQUBO YASENKANTOLO YEQEMBU LABAMANGALI, BEHLANGENE, NOMA BEMELELWE.
- b. Kuphela uma uMsebenzisi “engumthengi wokugcina” (njengoba kuchazwe ngezansi), khona-ke imibandela elandelayo izosebenza futhi ekuLamuleni: (i) noma yisiphi isimangalo esiwela ngaphakathi kwemingcele yenkantolo yezimangalo ezincane singayiswa kuleyo nkantolo yezimangalo ezincane. Ukuze kugwenywe ukungaqiniseki, zonke ezinye izicelo zizothunyelwa ukuthi ziLanyulwe; (ii) wonke amakhambi atholakalayo ngaphansi kwemithetho esebenzayo, kahulumeni ohlangene, yesifunda noma yendawo iyokwazi ukusetshenziswa ekuLamuleni; (iii) umlamuli kuyoba uhlangothi olungachemile futhi umthengi wokugcina angalibamba iqhaza enqubweni yokukhetha umlamuli; (iv) ukuLamula kungaqhutshwa ngevidiyo noma endaweni eseduze nalapho kuhlala khona umthengi wokugcina; (v) ngokuphathelele nezindleko

zokuLamula, lapho umthengi kunguye oqala inqumo yokuLamula, imali okuwukuphela kwayo okudingeka ikhokhwe umthengi wokugcina ngu-\$250. Zonke ezinye izindleko zokuLamula kumelwe zithwalwe yithi, okuhlanganisa nanoma iyiphi Inkokhiso ye-JAMS esele Yokuphathwa Kwecala kanye nazo zonke izinkokhiso zobungcweti zesevisi yomlamuli; (yize iqembu ngalinye lizobhekana nezinkokhiso zalo zomthetho). Uma kuyithi esiqala inqubo yokuLamula, sizokhokha zonke izindleko ezihlobene nokuLamula; futhi (vi) ukutholakala kolwazi olungeyona imfihlo oluphathelele nengxabano kuyovunyelwa. Ngezinjongo zale Mibandela, elithi “umthengi wokugcina” lisho umuntu ofuna noma othola noma iziphi izimpahla noma amasevisi, enzelwe ngokuyinhloko izinjongo zomuntu siqu, zomndeni noma zasekhaya, okuhlanganisa nokuthenga lezo zimpahla ngesikweletu, noma amatranzekshini asebhange omuntu siqu.

23. **Ukudlulisela.** Le Mibandela izoba umshwalense ozuzisa futhi obopha izinhlangothi kule dokhumenti, kulabo abeza emva kwazo nokudluliselwa kubo abavunyelwe. Lesi siVumelwano awuvunyelwe ukusidlulisela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yeSuvoda. Thina singawadlulisela kunoma yimuphi umuntu noma inhlangano noma yimaphi amalungelo ethu noma siyiphathise noma yimiphi imisebenzi yethu ngaphansi kwale Mibandela.
24. **Ukususeka Kwenhlinzeko.** Uma noma iyiphi inhlinzeko kule Mibandela ibhekwa yinkantolo enegunya njengengqubuzanayo nomthetho, leyo nhlinzeko iyolungiswa yileyo nkantolo bese ichazwa ngendlela eyokwenza ezifeza kangcono kakhulu izinjongo zehlinzeko yokuqala ngezanga eligcwele elivunyelwe umthetho, kuthi izinhlinzeko ezisele zalesi Sivumelwano zihlale zisebenza.

Ukunqanyulwa. Ukukwazi kwakho ukungena kuPlatifomu kuzonqanyulwa lapho kuphelelwa isikhathi noma ukusebenzisa njalo kweKhasimende iPlatifomu kunqanyulwa. Ngaphezu kwalokho, ukungena kwakho kuPlatifomu kungase kunqanyulwe ngaphambi kwesikhathi yiKhasimende noma yithi, nganoma yisiphi isizathu noma ngaphandle kwesizathu. Yize kushiwo lokho, izizathu ezijwayelekile ezingenza sikunqamule noma sikumise ukungena kwakho kuPlatifomu zihlanganisa nalezi, kodwa azigcini kuzo, ukwephula kwakho le Mibandela, ukungaziphathi kahle kwakho, noma ngenxa yesehlakalo sokulondeka, usongo ekusebenzeni, lokuba necala noma olunye oluhlobene nokusebenza kwePlatifomu.

25. **Imibandela Esebenza Kubathengi Bokugcina BaseNew Jersey.** Ayikho inhlinzeko kule Mibandela ezosebenza kunoma imuphi umthengi wokugcina waseNew Jersey uma leyo nhlinzeko ikhawulela izixazululo ngokuqondene (i) nobudedengu, (ii) nezimangalo zokuba necala ngemikhiqizo, (iii) nemithetho yokujezisela amademeshe, (iv) ne-New Jersey Uniform Commercial Code, noma (v) nokwehluleka ukuvikela ngokunengqondo ekulimaleni okuvela ezenzweni ezithile zobugebengu ezenziwa abantu abaseceleni (isib., ukugebenga ikhompuyutha nokweba umazisi womunye umuntu). Izinhlinzeko zale Mibandela ngokuphathelele nokuhishelwa ngaphandle noma ukukhawulelwa kwezinxephezelo ezithile azisebenzi e-New Jersey ngokuphathelele nezinxephezelo ezinqunyiwe, izinxephezelo zokujezisa, ukulahleka kwedatha, nokulahlekelwa noma ukulinyazwa kwempahla. ISuvoda iwagodla onke amalungelo, ukuzivikela, kanye nemikhawulelo evumelekile ngaphansi kwemithetho yaseNew Jersey nangaphansi kwemithetho yezwe ohlala kulo.
26. **IsiVumelwano Sisonke.** Le Mibandela, kanye neSaziso sethu Mayelana Nengasese, sibonisa sonke isivumelwano phakathi kwethu nawe maqondana nodaba lwaso, futhi ithatha indawo yazo zonke izingxoxo zangaphambili ezibhaliwe noma ezenziwe ngomlomo, izibopho kanye nemibhalo. Akukho zithembiso, izinto ezishiwo, eziqondwayo, iziqinisekiso nazivumelwano ezenziwe yinoma yiluphi kulezi zinhlangothi ngaphandle kwalezo ezishiwo lapha. Akukho ukuguqulwa noma isichibiyelo sale Migomo esiyozebenza ngaphandle uma sibhaliwe sasayinwa ummeleli womuntu ngamunye kithi nanguwe.

Ukulungiswa Kokugcina: September 1, 2025

ISAZISO SESUVODA MAYELANA NENGASESE

Ukulungiswa Kokugcina: September 1, 2025

Suvoda LLC nezinkampani ezihlangene nayo (“iSuvoda,” “iGreenphire,” “si-,” “thina,” noma “okwethu”) siyalihlonipha ingasese lakho. ISaziso Mayelana Nengasese (“iSaziso”) sichaza ukusingathwa kweMininingwane Yomuntu Siqu (echazwe ngezansi) enikezwayo, eqoqwayo, noma edalulwayo ngenkathi sikunika imikhiqizo noma amasevisi ethu, okuhlanganisa, nokho okungagcini lapho, ne-Interactive Response Technology (“IRT”) yaseSuvoda, i-eConsent (iMvume Enikezwa Ngezobuchwepheshe), i-Scheduling (Ukushejula), i-Greenphire Travel (uHambo Nge-Greenphire), i-Electronic Clinical Outcomes Assessment(s) (“eCOA”) (Ukhlaziya Ngezobuchwepheshe Ushintsho Ngenxa Yokwelashwa), i-Greenphire Patient Payments (Ukukhokhelwa Kweziguli YiGreenphire), i-Budgeting and Benchmarking (Ukwenza isabelo-mali nokuBeka Izindinganiso), kanye nemikhiqizo ye-Site Payment (ukuKhokha Nge-inthaneti) namasevisi ahlobene nazo (sekukonke, “amaSevisi”). Ngokuhlobene neSevisi, ungase futhi unikezwe ukufinyelela kudivayisi, ikhadi le-SIM noma olunye uhlobo lwezinto ezibonakalayo (“Imishini”).

Lesi Saziso sichaza namalungelo okungenzeka ube nawo ngaphansi kwemithetho esebenzayo. Sicela usifunde ngokucophelela lesi Saziso ukuze uqonde izinqubo-mgomo zethu nezindlela esenza ngayo mayelana neMininingwane yakho Yomuntu Siqu nokuthi sizoyiphatha kanjani. Uma lesi saziso usidinga ngfomethi edawunilodekayo noma efinyelelekayo (ebhalwe ngamagama amakhulu) sicela [uchofoze lapha](#) noma usithinte ekhelini elithi privacy@suvoda.com.

IMiningwane Yomuntu Siqu Esiyiqoqayo

Siqoqa imikhakha eminingana yeMininingwane Yomuntu Siqu kubasebenzisi namayelana nabasebenzisi bePlatifomu yethu namaSevisi ethu (“wena”). “**Ulwazi Lomuntu Siqu**” lisho ulwazi olukwazi ukukhulonza ngendlela eyingqayizivele, olubhekisela kuwe, oluchaza wena, noma olungahlanganiswa noma luxhunye naye ngendlela efanele. Imikhakha yeMininingwane Yomuntu Siqu esiyiqoqayo ingashe ihlanganise nale:

- *IMiningwane Yokuxhumana* - Uma uthumela umbuzo, ubhalisela i-akhawunti, noma unikeza ulwazi kuPlatifomu noma ngayo noma ngamaSevisi ethu, singase siyithathe imininingwane yokuxhumana naye okuhlanganisa negama lakho, igama lomsebenzisi, iphasiwedi, ikheli leposi, ikheli le-imeyili, igama lenkampani, isiqu sasemsebenzini, inombolo yocingo, inombolo yefeksi, indawo yesikhathi, nokuqukethwe yinoma yimiphi imilayezo osithumelela yona.
- *IMiningwane Yokusebenzisa/Yomlando* - Uma usebenzisa amaSevisi ethu, singase siqoqe futhi sigcine imininingwane (efana ‘nemilando’) mayelana nokusebenzisa kwakho amaSevisi, okuhlanganisa noma yiziphi izenzo ozenzayo maqondana neziNgcwaningo okwazi ukufinyelela kuzo. Ngaphezu kwalokho, singase sirekhode ngokuzenzakalelayo imininingwane, ehlanganisa nekheli lakho le-Internet Protocol (“Ikheli le-IP”), indawo ekuyo idivayisi yakho emhlabeni, imodeli nobungako obuvezwa yidivayisi, uhlelo lwesistimu yokusebenza, umlando wokuphequlula, idethi nesikhathi lapho ukhona, ama-levleli ebhethri yedivayisi, ubuningi bemizamo yokungena, uhlobo lwesiphequluli, amagama e-domain ahlobene nomhlinzeki wakho wesevisi ye-inthanethi, imiphumela evela kumadivayisi asebenzayo (amazinga kashukela egazini, ngokwesibonelo), kanye nanoma yiluphi olunye ulwazi mayelana nokusebenzisana kwakho namaSevisi ethu.
- *IMiningwane Yokukhulumisana* - Singase siqoqe iMininingwane Yomuntu Siqu equkethwe ekuxhumaneni kwakho nathi nge-imeyili, nge-chat, ngenkundla yokuxhumana, ngocingo, noma ngenye indlela, okuhlanganisa nangokusebenzisa ubuhlakani bokwenziwa (AI), futhi kwezinye izimo singase sisebenzise abahlinzeki bamasevisi abaseceleni ukwenza kanjalo. Lapho kuvunyelwa khona umthetho osebenzayo, singase siqoqe futhi sigcine amarekhodi ezingcingo nawezingxoxo obe nazo nama-ejenti ethu, nabameleli, noma nabasebenzi bethu nge-sms, nge-chat, ngokuphosta, noma ngokunye okunjengalokho.
- *IMiningwane Yesivivinyo Sokusebenza Komuthi* - Singase siqoqe iMininingwane Yomuntu Siqu mayelana nokusetshenziswa KwamaSevisi ethu kanye nokuqhutshwa kwezivivinyo Zokusebenza Kwemithi, ehlanganisa negama lakho, isibongo sokuzalwa, amanishiyali, ikheli le-imeyili, ikheli, inombolo yocingo, ulimi, inombolo kamazisi noma enye inombolo kamazisi kahulumeni, igama lomsebenzisi, iphasiwedi, izimpendulo zemibuzo yokulondeka, inombolo, isithombe, nosuku lokuphelelwa yisikhathi kwepasipoti, ubulili, imvume yokuhlala ezweni, ubuzwe, nezwe imvume ekhishwe kulo, usuku nezwe lokuzalwa, ulwazi oluhlobene nempilo, imininingwane yezakhi zofuzo, isihlonzi soCwaningo, imininingwane yekhalenda, izinsuku nezikhathi zama-aphoyintimenti, neminye imininingwane ehlobene nokuvakasha kwababambiqhaza nababambiqhaza ngokwabo, ehlanganisa nenombolo yokuhlungwa, i-ID Yombambiqhaza noma inombolo yombambiqhaza, nesimo sakhe), ulwazi oluhlobene nokukhishwa komuthi, ulwazi oluhlobene nezicelo zezinhlelo zokwenzeka kwezinto (okuhlanganisa namanothi esevisi kanye nezinombolo zemiklomelo yokundiza njalo noma eminye imiklomelo), imininingwane ehlobene nemvume ehlanganisa anmasignesha esiGuli nawomnakekeli, kanye nolwazi oluhlobene futhi/noma olunikezwa ngenxa yemiphumela yezihlaziyo zokusebenza komuthi (kuhlanganise nolwazi oluhlobene nezinga lokuphila ngenkathi ubambe iqhaza ocwaningweni lokusebenza komuthi).
- *IMiningwane Yezezimali* - Uma usebenzisa amaSevisi ethu, singase siqoqe imininingwane yezezimali, okuhlanganisa nenkampani yangaphandle esisingathela izinkokhelo, ukuze sikhokhe, njengenombolo ye-akhawunti yasebhange, inombolo, uhlobo, nosuku lokuphelelwa yisikhathi kwekhadi lasebhange, ulwazi oluhlobene nezimali ezisele ekhadini nezinkokhelo ezisalindile, i-ID yentela, i-ID yokhokhelwayo, inombolo kamazisi, nezithombe zamarisidi akho ukuze uthole imbuyiselo.

Uma ungasinikezi noma yiluphi lwalolu lwazi, noma uma singakwazi ukuluqoqa nganoma yisiphi isizathu, singase singakwazi ukukhlinzeka ngamaSevisi.

Indlela Esiqoqa Ngayo Ulwazi Lomuntu Siqu

- *Kuwe Ngokuqondile* - Siqoqa iMininingwane Yomuntu Siqu osinika yona ngokuqondile, ngokwesibonelo, uma ukhetha ukusithinta, ucela imininingwane kithi, ubhalisela ukuthola okusha, noma usebenzisa iPlatform noma amaSevisi ethu ngandlela thile.
- *Kubantu Abaseceleni* - Singase siqoqe iMininingwane Yomuntu Siqu kubantu abaseceleni, okuhlanganisa, kodwa kungacini lapho, namaKhasimende nophathina bethu nababo ebhizinisini, abahlinzeki bezihlaziyo zedatha, abahlinzeki bedivayisi ephathwayo, abahlinzeki besevisi ye-inthanethi noma ephathwayo, abahlinzeki beplatifomu ye-app ephathwayo.
- *Ngobuchwepheshe Bokulandelela Nge-inthanethi* - Sisebenzisa amakhukhi nobuchwepheshe obunjengawo emikhiqizweni ethile ukuze siqoqe ngokuzenzekelayo iMininingwane Yomuntu Siqu njengoba uthubeleza kuPlatifomu yethu. Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nokusebenzisa kwethu lobu buchwepheshe, bheka *inqubo-mgomo yamaKhukhi Nobuchwepheshe Bokulandelela*.

Indlela Esiyisebenzisa Ngayo IMininingwane Yomuntu Siqu

Ngokwezininga elivunyelwe umthetho osebenzayo, iMininingwane Yomuntu Siqu siyisebenzisela:

- *Ukuhlinzeka ngamaSevisi ethu nokuwenza afanelane nomuntu siqu*, njengokweseka ukuhlelwa kwesivivinyo sokusebenza komuthi, ukusingatha ukukhokha ngamakhadi, ukunikeza izaziso ezizivelelayo kumadivaysi, imilayezo yezaziso, nemilayezo yedatha, ukusingatha ukubhaliswa kwama-token, ukusingatha izinkokhelo, ukuhlinzeka ngesevisi yamakhassimende, ukugcinwa kwama-akhawunti esesimweni esifanele, ukuhlinzeka ngezimali, ukuqinisekisa imininingwane yekhasimende, ukwakha nokugcina amarekhodi ebhizinisi, ukuqinisekisa ukufaneleka, nokwenza noma ukunikeza amasevisi anjengalawo. Uma i-Hardware iyingxenye yamaSevisi, singase sisebenzise futhi sinike abanye abantu igama lakho kanye nemininingwane yokuxhumana osinikeza yona ukuze sikuthumelele i-Hardware ezosetshenziswa oCwaningweni. Ngaphezu kwalokho, singase sisebenzise ulwazi oluphathelele nokusetshenziswa kwanoma iyiphi i-Hardware futhi silunikeze abantu abaseceleni kuye ngesidingo ukuze sinikeze amaSevisi kanye/noma i-Hardware, okuhlanganisa ngaphandle komkhawulo, nomlando wokuphequlula, i-software namasethingi e-Hardware, kanye nolwazi olukhiqizwe i-Hardware.
- *Ukwakha imikhondo yokuhlola*, okuhlanganisa nokulandelela izinto ozenzile kumaSevisi. Izinto ozenzile kumaSevisi zingase zilebulwe ngegama lakho lomsebenzisi noma isihlonzi somsebenzisi, igama, nesibongo, futhi lizohlotshaniswa nawe ukuze kulandelelwe iizinto ozenzile kumaSevisi (“Umkhondo Wokuhlola”). Lolu lwazi sizolugcina ngisho nangemva kokuba i-akhawunti yakho isicishiwe noma uCwaningo obubambe iqhaza kulo seluphelile. Lolu lwazi, kanye nolunye ulwazi oluhlobene noCwaningo, lungase lunikwe uMxhasi kanye/noma abanye abantu abaseceleni, okuhlanganisa neziphathimandla ezilawulayo, njengoba kungase kuyalele uMxhasi, ukuze sifeze izibopho zethu zezivumelwano kanye/noma ngokuvumelana nemfuneko yokulawula. Sicela ubheke ingxenye ethi “**Sizoyigcina Isikhathi Esingakanani iMininingwane yakho Yomuntu Siqu**” ngezansi ukuze uthole ulwazi olwengeziwe.
- *Ukuze senze ngcono kakhulu, sithuthukise, futhi silondoloze amaSevisi ethu*, okuhlanganisa nokuqonda nokuhlaziya indlela abasebenzisi abasebenzisana ngayo namaSevisi ethu, ukukala isithakazelo somsebenzisi kumaSevisi athile noma ekusebenzeni okuthile, ukucela uvo ngamaSevisi ethu, kanye nokuxazulula izinkinga.
- *Ucwaningo nokuthuthukisa kwangaphakathi*, njengokuthesta, ukuqinisekisa, kanye nokuthuthukisa ikhwalithi yamaSevisi ethu noma ukwakha amasha.
- *Ukuxhumana nawe*, njengokuphendula imibuzo yakho nokuphawula, ukukwazisa ngezinguquko kumaSevisi ethu, okuhlanganisa nokusebenzisa ubuhlakani bokwenziwa kanye nokuthumela abaSebenzisi abangamaKhasimende izikhangiso mayelana namaSevisi ethu, okuhlanganisa nokusebenzisa izindlela zikagesi ezinjengama-imeyili. Sicela uphawule ukuthi singase sisebenzise ikheli le-imeyili noma inombolo kamakhalekhukhwini osinika yona ukuze sikuthumele izaziso ezihlobene noCwaningo ongena kulo noma obambe iqhaza kulo. Lezi zaziso zithunyelwa ngesicelo soMxhasi. Uma ufisa ukuyeka ukuthola lezo zaziso, sicela uthinte uMxhasi ngokuqondile. Ngezizathu zomthetho, zokulondeka, noma zokuphepha, njengokuvikela ukuphepha, impahla, noma amalungelo ethu nawabasebenzisi bethu; ukuhambisana nezimfuno zomthetho nezokulawula; ukuphoqelela imibandela, imigoqo, nezinqubomgomo zethu; ukuthola, ukuvimbela izehlakalo zokuphepha, kanye nokusabela kuzo; kanye nokuvikela ezenzweni ezihloselwe ukulimaza, zokukhohlisa, zokukhwabanisa, noma ezingekho emthethweni.
- *Njengengxenye yomsebenzi webhizinisi*, njengokuhlobene nokudayiswa kwengxenye noma kwazo zonke izimpahla noma ibhizinisi lethu, ukuthengwa kwengxenye noma kwalo lonke kwengxenye yelinye ibhizinisi noma kwempahla yelinye ibhizinisi, noma okunye ukuthengiselana kwebhizinisi, okuhlanganisa nokuwa kwebhizinisi.
- *Ukufeza noma iyiphi enye injongo oyinikeza ngenxa yayo*, okuhlanganisa izinjongo ezichazwa lapho unikeza imininingwane noma unikeza imvume.

Indlela Esiyidalula Ngayo Imininingwane Yomuntu Siqu

Singase sidalule, ngaphandle kokuvinjelwa, imininingwane ehlanganisiwe emayelana nabasebenzisi bethu, kanye nemininingwane engahlonzi muntu.

Singase sidalule iMininingwane yakho Yomuntu Siqu ngemvume yakho noma ngaphansi kwezimo ezilandelayo:

- *Abasebenzi Nabanye Abaqashwa* – SingaseABELANE ngolwazi lomuntu siqu nabasebenzi kanye nabaqashwa bethu (njengosonkontileka) abanesidingo sokuba nalolu lwazi ngezinjongo zebhizinisi lethu.
- *Amabhizinisi Esihlangene Nawo* - SingaseABELANE ngeMininingwane Yomuntu Siqu ngaphakathi emndenini wethu wezinkampani ngezinjongo zethu nezabo zebhizinisi nezokuthengisa, okuhlanganisa nokukhangisa okuqondiswe kwabathile kanye nokuxhumana nawe mayelana nokusebenzisa kwakho amaSevisi, nezindaba zokunakekela, nokunikela ulwazi mayelana namaSevisi esicabanga ukuthi ungawathakasela.
- *Abahlinzeki Bamasevisi* – IMininingwane yakho Yomuntu Siqu siyidalula kubahlinzeki besevisi/sonkontileka esibasebenzisela ukusekela ibhizinisi lethu, okuhlanganisa kodwa kungagcini lapho, nophathina bethu kwezohambo nokuhleleka, abaqhubi be-rideshare, abahlinzeki bezihlaziyo zedatha.
- *Ophathina Bethu Ebhizinisini* – IMininingwane yakho Yomuntu Siqu singase siyidalule kophathina bethu ebhizinisini abathembekile.
- *Izinhlangothi Eziquhuba Izivivinyo Zokusebenza Kwemithi* – Uma unguMbambiqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi noma ungumnakekeli woMbambiqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi, iMininingwane yakho Yomuntu Siqu singase siyinine abanye ngokuqondene nokuqhutshwa

kwezivivinyo, okuhlanganisa nezikhungo zezivivinyo, abasebenzi basezikhungweni, aBaxhasi kanye nalabo abasebenza egameni loMxhasi, okuhlanganisa nezinhlango ezicwaningayo eziqashiwe.

- *Izinhlango Zezimali* - Uma ukusebenzisa kwakho amaSevisi kudinga ukuthi ukhokhelwe, njengalapho unguMbambiqhaza esivivinyweni sokusebenza komuthi, iMininingwane yakho Yomuntu Siqu singase siyinike izinhlango zezimali nabahlobene nazo ukuze sikunikeze lezi zinkokhelo, okuhlanganisa nabasingathi bamakhadi, abahlinzeka ngesevisi yokubuyisela amakhadi, nabahlinzeka ngesevisi yenqubo yokwazi ikhasimende lakho.
- *Amanxusa Alawulayo* – Imininingwane Yomuntu Siqu singase siyidalule lapho i-Food and Drug Administration noma elinye inxusa elilawulayo lenza umsebenzi wokuhlola.
- *Isibopho Sezomthetho noma Izizathu Zokuphepha* – iMininingwane Yomuntu Siqu singase siyidalule kumuntu oseceleni uma sikholelwa ngobuqotho ukuthi lokho kudalulwa kweMininingwane Yomuntu Siqu kuyadingeka ngokunengqondo ukuze (a) sigcwalise noma sigcine nanoma iyiphi imfuneko yomthetho, izimiso, inqubo yezomthetho, noma isicelo sikahulumeni esiphokelelayo, (b) siphokelele noma yimiphi imibandela noma isivumelwano onaso nathi noma siphanye ukwepulwa kwaso okungenzeka kwenzekile, (c) sihlonze, sivimbele, noma sisabele ekukhathazekeni ngokukhwebanisa, ukulondeka noma ngobuchwepheshe, (d) sisekele imisebenzi yokuhlola nokuthobela umthetho, noma (e) sivikele amalungelo, impahla, noma ukuphepha kweSuvoda, abasebenzi bayo kanye mamaKhasimende ayo, noma umphakathi ekulimaleni.
- *Ukuhlanganiswa Kwebhizinisi noma Ushintsho Ekulawuleni* – Imininingwane Yomuntu Siqu singase siyidalule kubantu abaseceleni kuye ngesidingo uma sihileleke ekuhlanganisweni kwebhizinisi, ekuthengweni kwebhizinisi, noma kunoma ikuphi okunye ukuthengiselana okubandakanya ushintsho ekulawulweni kwebhizinisi lethu, okuhlanganisa kodwa kungacini lapho, nokuwa kwebhizinisi noma enye inqubo enjengaleyo. Lapho umthetho ufuna kanjalo, siyokwazisa ngaphambi kokwenza lokho kudalula.
- *Okunye* – IMininingwane Yomuntu Siqu singase siyidalule kubantu abaseceleni lapho usicele noma usigunyaze ngokucacile, noma ngezinjongo oyidalule ngazo kithi iMininingwane Yomuntu Siqu njengoba kuboniswe ngesikhathi naseqophelweni lokudalula (noma njengoba kwakusobala ngesikhathi naseqophelweni lokudalula).

Amakhukhi Nobunye Ubuchwepheshe Bokulandelela

Thina nabahlinzeki besevisi ethu singase sisebenzise amakhukhi kanye nobuchwepheshe bokulandelela ukuze siqoqe imininingwane yokusebenzisa kanye neyokuphequlula mayelana nendlela osebenzisa ngayo iPlatifomu yethu. Ubuchwepheshe esibusebenzisela lokhu kuqoqa idatha ngokuzenzakalelayo bungase buhlanganise namakhukhi nama-beacon ewebhu asivumela ukuthi siqinisekise ubuqotho besistimu neseva futhi sikhiqize imininingwane mayelana nokuthandeka kwekhontenti ethile. Ulwazi oluqoqwe ngobuchwepheshe obunjalo, olungase lubandakanye noma luhlanganiswe neMininingwane Yomuntu Siqu, silusingatha ukuze sisize ekusebenzisweni izici ezithile zePlatifomu yethu, sithuthukise ukuyijabulela kwakho ngokuyenza ifanelane nomuntu siqu, futhi usisize siqonde kangcono izici zePlatifomu yethu wena nabanye abasebenzisi eninesithakaselo kakhulu kuzo.

- **Ukusebenzelana Namakhasimende:** Sithuthukisa ukusebenzelana namakhasimende ethu ngokuhlinzeka ngezici ezifana nokusingathwa kwenkokhelo ukuze kube lula ukukhokha nge-inthanethi. Ngayinye kwalokhu esikunika amakhasimende ethu kubuswa imibandela, imigoqo, nezinqubomgomo zomhlinzeki wesevisi oyisisekelo.

I-Google Analytics:Ukuze wazo okwengeziwe ngendlela i-Google esebenzisa ngayo idatha, vakashela [iNqubo-mgomo Ye-Google Mayelana Nengasese](#) kanye nekhasi le-Google mayelana nokuthi [“Indlela i-Google esebenzisa ngayo idatha evela kuPlatifomu noma kuma-app asebenzisa amasevisi ethu”](#).

Ungadawuniloda [i-Google Analytics Opt-out Browser Add-on](#) ngokuqondene ne-browser ngayinye yewebhu oyisebenzisayo, kodwa lokhu akukuvimbi ukusetshenziswa kwamanye amathuluzi okuhlaziya. Ukuze wazi okwengeziwe mayelana namakhukhi e-Google Analytics, vakashela [i-Google Analytics Cookie Usage on Websites](#).

Ukuthengisa IMininingwane Yomuntu Siqu noma Ukwabelana Nabanye Ngayo - Nakuba singayithengisi iMininingwane Yomuntu Siqu ukuze sithole imali, siyabanika abanye iMininingwane Yomuntu Siqu ngezinye izinzuzo ezingase zibhekwe "njengokuthengisa" noma "ukunika abanye" ngaphansi kwemithetho ehlukahlukene yokuvikelwa kwedatha, ngoba ngezinye izikhathi zichazwa ngendle ebanzi ehlanganisa nezenzo ezinjengokulethwa kwezikhangiso ezisekelwe esithakaseleni ezingosini zewebhu noma ukuvumela abantu abaseceleni ukuthi bathole ulwazi oluthile, njengamakhukhi, amakheli e-IP, kanye/noma ukuphequlula. Ngokufanayo sisuke sikhangisa ngokusekelwe esithakaseleni lapho sisebenzisa idatha emayelana nalokho okwenza kuPlatifomu yethu ukuze sikuthumele izikhangiso ezingosini zewebhu zezinkampani eziseceleni noma ezilawulwa yizo. Kukulesi simo lapho sinikeze khona amanethiwekhi okukhangisa, abahlinzeki bezihlaziyo zedatha, amanethiwekhi omphakathi, namaplatifomu okwabelana ngamavidiyo iMininingwane Yomuntu Siqu efana nekheli lakho le-IP, imininingwane yedivayisi, imininingwane yalokho okwenza ku-inthanethi nakwenye inethiwekhi kagesi, kanye nemininingwane yendawo ezinyangeni eziyishumi nambili ezidlule.

Chofaza lapha ukuze ufunde [iNqubo-mbomo Yamakhukhi](#).

Ubude Besikhathi Sokugcina Kwethu IMininingwane Yakho Yomuntu Siqu

Imininingwane yakho siyigcina sonke leso sikhathi esidingekayo: (i) ukuze siqhube ibhizinisi namaKhasimende; (ii) sifeze izinhloso ezivezwe kulesi Saziso; futhi (iii) sifeze izibopho zethu zomthetho nezokulawula, sixazulule izingxabano, futih siphokelele noma yiziphi izivumelwano.

Imibandela esizoyisebenzisa ukuze sinqume ukuthi ubude besikhathi sokugcina iMininingwane Yomuntu Siqu ihlanganisa nohlobo lobudlelwano bebhizinisi esinabo nawe; amalungelo, izibopho zethu ezingokomthetho, kanye nezimfuneko zokugcina imininingwane; nalapho sinenjongo yebhizinisi eqhubekayo yokugcina iMininingwane yakho Yomuntu Siqu, njengokuxhumana nawe mayelana namaSevisi aqhubekayo noma okungenzeka uwacelile.

Sicela uphawule ukuthi sizogcina Umkhondo Wokuhlola kuye ngesidingo ukuze sifeze izibopho zethu ezingokomthetho, zokulawula, noma zezivumelwano. Kulezo zimo, iMininingwane Yomuntu Siqu izohlukaniswa ukuze kuncishiswe ukusingathwa kwedatha kanti iMininingwane Yomuntu Siqu izolondolozwa futhi igcinwe ukuze kuthotshelwe izibopho zomthetho, zokulawula, noma zezivumelwano.

Amalinki Aya Ezingosini Zezinkampani Eziseceleni

Asinasibopho ngezindlela zokwenza ezisetshenziswa yinoma yiziphi izingosi zewebhu noma amasevisi anamalinki aya noma asuka kuPlatifomu yethu, okuhlanganisa nolwazi olukuyo noma okuqukethwe yiyo. Sikukhuthaza ukuthi wenze uphenyo futhi ubuze imibuzo ngaphambi kokudalula iMininingwane Yomuntu Siqu ezinkampanini eziseceleni, ngoba noma imiphi iMininingwane Yomuntu Siqu edaluliwe iyosingathwa ngokuvumelana nenqubo-mgomo mayelana nengasese yaleyo nkampani eseceleni.

Kwezinye izimo, sifaka amalinki aya ezinkundleni zokuxhumana (njenge-Facebook, i-Instagram, i-LinkedIn, i-X (eyayaziwa ngokuthi i-Twitter), ne-YouTube) ezikuvumela ukuthi uxhumane nathi kalula noma wabelane nabanye ngolwazi ezinkundleni zokuxhumana. Noma yini oyichoma usebenzisa lawa makhasi ezinkundla zokuxhumana ingaphansi kweMibandela Yokusebenzisa kanye neziNqubo-mgomo Mayelana Nengasese zalawo maplatifomu.

Ukusebenzisa Emazweni Onke kanye Nokudluliselwa Kwedatha Ngale Kwemingcele

Uma ungena emikhiqizweni yethu, sicela uphawule ukuthi imikhiqizo yethu isingethwe e-United States naseYurophu. Lapho kuvunyelwa khona umthetho osebenzayo, iSuvoda idlulisela, isingatha, futhi igcina ulwazi olumayelana nawe kumaseva asemazweni amaningana, kuhlanguke ne-United States, angenalo izinga lokuvikeleka ezindabeni zangasese elilingana nelakwezinye izindawo ezifana ne-European Union. Kungenzeka futhi ukuthi ukusingathwa kwemininingwane yakho yomuntu siqu sikuphathise noma sikunike izinkampani eziseceleni ezisemazweni angaphandle kwelakini.

Sicela uphawule ukuthi ezimweni ezithile, kungase kudingeke ukuthi sidalule iMininingwane Yomuntu Siqu lapho sisabela ezicelweni ezisemthethweni ezenziwa iziphathimandla zomphakathi, kuhlanguke nenjongo yokuthi sihlangukebezane nezimfuneko zokulondeka zezwe noma zabaphokeleli-mthetho.

Kubantu abaseJapan: Njengoba kushiwo engxenyeni engenhla ethi *Indlela Esiyidalula Ngayo Imininingwane Yomuntu Siqu*, ngokuhlanganyela nezinkampani ezingaphansi kwethu nezihlangene nathi, sisebenzisa iMininingwane Yomuntu Siqu ngezinjongo ezichazwe kulesi Saziso. Imikhakha yeMininingwane Yomuntu Siqu esetshenziswa ngokuhlanganyela iyachazwa futhi engxenyeni yalesi Saziso ethi *iMininingwane Yomuntu Siqu Esiyiqoqayo*. Uhlangothi olunesibopho ngalokhu kusebenzisa ngokuhlanganyela yiSuvoda Software GK, Roppongi Hills North Tower 17F, 6-2-31 Roppongi, Minato-ku, Tokyo 106-0032, Japan. Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nokusebenzisa ngokuhlanganyela, sicela usithinte ekheleni elithi privacy@suvoda.com.

Sicela uphawule ukuthi iMininingwane yakho Yomuntu Siqu ingase idluliselwe ngaphandle kwezwe laseJapan. Lapho iMininingwane yakho Yomuntu Siqu siyidlulisela emazweni angaqashelwa “njenganele” yi-Information Protection Commission (“PPC”) (iKhomishini Yokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu Siqu), lapho kudingeka khona ngaphansi koMthetho WaseJapan Wokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu Siqu, singena ezivumelwaneni ezibhaliwe nezinkampani eziseceleni ezingaphandle kwe-Japan. Ukuze uthole incazelo yamasistimu nezinhloko zakwamanye amazwe ezingase zibe nomthelela ekusetshenzisweni kwezinyathelo ezifanayo yinkampani eseceleni, bheka [lapha](#).

Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nokudlulisela ngale kwemingcele, sicela usithinte ekheleni elithi privacy@suvoda.com.

Sizosebenzisa izinyathelo zokuphepha eziklanyelwe ukuvikela iMininingwane yakho Yomuntu Siqu, ezihlanganisa nokuqoka umuntu ozoba nomsebenzi wokulawula indlela imininingwane yomuntu siqu esingathwa ngayo kanye nokucacisa ukuthi imininingwane yomuntu siqu ezosingathwa abasebenzi ibhandakanya ini.

Uma ukholelwa ukuthi siwephulile amalungelo owanikezwa wona ngaphansi koMthetho Wokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu Siqu, ungafaka isikhalazo e-PPC.

Kubantu abahlala e-European Union, e-European Economic Area, eSwitzerland, eBrazil, nase-United Kingdom: ISuvoda izodlulisela iMininingwane Yomuntu Siqu ezinkampanini eziseceleni ezingaphandle kwalezi zifunda kuphela lapho isibeke isivikelo ezifanele zokudluliswa kwaleyo Mininingwane Yomuntu Siqu ngezindlela ezisemthethweni nezigunyaziwe.

Njengamanje, iSuvoda ithobela i-EU-US Data Privacy Framework (“EU-US DPF”), i-UK Extension to the EU-U.S. DPF, kanye ne-Swiss-U.S. Data Privacy Framework (“iSwiss-U.S. DPF”) njengoba kwendlalwe uMnyango Wezohwebo Wase-U.S., mayelana nokusingathwa kweMininingwane Yomuntu Siqu etholwe e-EU, e-UK, nase-Switzerland, ngokulandelana futhi ithobela uMthetho Jikelele Wokuvikelwa Kwedatha e-Brazil (“LGPD”). ISuvoda iwuqinisekisele uMnyango Wezohwebo Wase-U.S. ukuthi iyayithobela i-EU-U.S. Data Privacy Framework Principles (“iZimiso ze-EU-U.S. DPF”) ngokuphathelene nokusingathwa kwedatha yomuntu siqu etholwe e-European Union ngokwethembela kuyi-EU-U.S. I-DPF nase-United Kingdom (kanye nase-Gibraltar) ngokwethembela kuyi-UK Extension to the EU-U.S. DPF. ISuvoda iwuqinisekisele uMnyango Wezohwebo Wase-U.S. ukuthi iyazithobela izimiso zohlelo lwe-Swiss-U.S. Data Privacy Framework (“iZimiso ze-Swiss-U.S. DPF.” kanye neZimiso ze-EU-U.S. DPF, “iZimiso ze-DPF”) ngokuphathelene nokusingathwa kwedatha yomuntu siqu etholwe e-Switzerland ngokwethembela kuyi-Swiss-U.S. DPF.

Uma kukhona ukungqubuzana phakathi kwemibandela ekulesi Saziso kanye neZimiso ze-DPF kanye/noma iZimiso ze-Swiss-U.S. DPF, kuyosebenza iZimiso ze-DPF esebenzayo. Ukuze wazi okwengeziwe mayelana nohlelo lwe-Data Privacy Framework (“DPF”), futhi ufunde isiqinisekiso sethu, sicela uvakashele ingosi ethi <https://www.dataprivacyframework.gov/>.

Ngaphasi kohlelo lwe-DPF, sizibophezela ekutheni yonke iMininingwane Yomuntu Siqu esebenzayo etholwe e-EU, e-UK, nase-Switzerland sizoyibeka ngaphansi kwezimiso ze-DPF, sethembele kuyi-EU-U.S. DPF, isandiso sayo e-UK, nakuyi-Swiss-U.S. DPF.

I-Federal Trade Commission yiyo eyengamele ukuthobela kweSuvoda i-EU-U.S. DPF, i-UK Extension to the EU-U.S. DPF, ne-Swiss-U.S. DPF.

Okwazi ukukukhetha kanye namalungelo akho ngaphansi kwe-DPF

Uma iMininingwane yakho Yomuntu Siqu izosetshenziselwa inhloso entsha ehluke kakhulu ezinhlosweni eyaqoqelwa zona ekuqaleni noma eyagunyazwa zona kamuva, noma yadluliselwa enkampanini eseceleni engelona inxusa, uzonikezwa, lapho kufaneleka khona, ithuba lokwenqaba ukuthi iMininingwane yakho Yomuntu Siqu isetshenziswe ngaleyo ndlela noma idluliswe. Lapho leyo mininingwane iyiMininingwane Yomuntu Siqu Ebucayi, kuyoqale kutholwe imvume yakho ecacile ngaphambi kokuthi isingathwe ngaleyo ndlela ehlosiwe.

Ngaphansi kwe-DPF, njengoba kuningilizwe kulesi Saziso, ungakwazi, egameni lakho (lapho kungenzeka khona) noma ngokusuka kithi noma esikhungweni sakho socwaningo (kuye ngokuthi ikuphi okusebenzayo), ukufuna isiqinisekiso mayelana nokuthi siyayisingatha yini iMininingwane yakho Yomuntu Siqu, ucele ukuyibona, futhi ucele ukuthi siyilungise, siyichibiyele noma siyicishe, lapho inganembile khona noma iSingathwe ngendlela eyephula iZimiso Ze-DPF.

Ngokuqondene nokudlulisela phambili

Uma sithola iDatha yomuntu siqu ngaphansi kwesimiso se-DPF, sihlala sinesibopho ngokuqondene nanoma yikuphi ukudluliselwa kwayo kumuntu oseceleni (“Okudlulisela Phambili”) ngaphandle uma singelona icala isenzakalo esibangela noma yimuphi umonakalo okuthiwa wenzekile.

Indlela ongawasebenzisa ngayo amalungelo akho, cela ulwazi olwengeziwe noma ufake isikhalazo ngaphansi kwe-DPF

Ithobela iZimiso Ze-EU-US DPF, iSuvoda izibophezela ekutheni izozixazulula izikhalazo ezimayelana nengasese lakho nezimayelana nokuqoqa noma ukusebenzisa kwethu imininingwane yomuntu siqu edluliselwe e-United States ngokuvumelana neZimiso Ze-DPF. Abantu abase-European Union, e-Switzerland nase-United Kingdom abanemibuzo noma izikhalazo mayelana ne-DPF kufanele baqale bathinte (i) isikhungo sabo socwaningo uma bengabaBambiqhaza noma abanakekeli esivivinyweni sokusebenza komuthi, noma (ii) bathinte thina ngokuqondile uma bengebona abaBambiqhaza noma abanakekeli esivivinyweni sokusebenza komuthi, ekhelini elithi privacy@suvoda.com noma kuleli kheli:

Suvoda LLC

181 Washington Street, Suite 100
Conshohocken, PA 19428
ATTN: Privacy Officer
Ucingo: 1-855-788-6321
I-imeyli: privacy@suvoda.com

Suvoda SRL

10 Bld I.C. Bratianu, Floor 3, District 3
Bucharest, Romania, 011413
ATTN: Privacy Officer
Ucingo: +40 (31) 2265529
Eyamahhala: 0800-896-362
I-imeyli: privacy@suvoda.com

Kungenjalo, ungathinta ummeleli wethu ezweni ngalinye:

- E-EU ekhelini elithi: be-info@cranium.eu (also Local DPO)
- E-UK ekhelini elithi: be-info@cranium.eu
- EBrazil ekhelini elithi: dpo@mkr.com.br (Local DPO: MKR Consultoria LTDA)

ISuvoda izibophezele ngokwengeziwe ekutheni izikhalazo ezimayelana nengasese ezingaxazululiwe ngaphansi kweZimiso Ze-DPF eziphathelele nemikhiqizo namasevisi ayo izozidlulisela ohlakeni oluzimele lokuxazululwa kwezingxabano, i-Data Privacy Framework Services, eqhutshwa yi-BBB National Programs. Uma ungakutholi ngesikhathi ukuvunywa kwesikhalazo sakho, noma uma isikhalazo sakho singasingathwanga ngokugculisayo, sicela uvakashele ingosi ethi <https://bbbprograms.org/programs/all-programs/dpf-consumers/ProcessForConsumers> ukuze uthole ulwazi olwengeziwe futhi ufake isikhalazo. Le sevisi awuyikhokheli lutho.

Uma isikhalazo sakho se-DPF singenakuxazululwa ngemigudu engenhlal, ngaphansi kwezimo ezithile, ungase ucele isixazululo esibophayo kwezinye izimangalo ezingaxazululwanga ngezinye izindlela zokulungisa. Bhaka ingosi ethi <https://www.dataprivacyframework.gov/s/article/G-Arbitration-Procedures-dpf?tabset-35584=2>.

IMiningwane Yokuxhumana. Uma kukhona imibuzo mayelana nalesi Saziso noma ukuthi siyiqoqa, siyisebenzise, siyigcine noma siyiphathe kanjani iMiningwane Yomuntu Siqu, ungasithinta ngokuthumela i-imeyli ekhelini elithi privacy@suvoda.com noma ngokuthumela incwadi erejistiwe ekhelini elithi:

Suvoda LLC
181 Washington Street, Suite 100, Conshohocken, PA 19428, USA
ATTN: Privacy Department

Indlela Esiyivikela Ngayo IMiningwane Yomuntu Siqu

Sisebenzise izinyathelo ezinengqondo ngokwezentengiselwano eziklanyelwe ukuvikela iMiningwane Yomuntu Siqu ekulahlekeni ngengozi nasekutheni ibonwe, esetshenziswe, iguqulwe, futhi idalulwe kubantu abangagunyaziwe. Ngeshwa, ukudluliswa kolwazi nge-inthanethi akuvikelekile ngokuphelele. Naphezu kwale mizamo yokucina iMiningwane Yomuntu Siqu endaweni elondekile, asikwazi ukuqinisekisa ukuthi iyolondeka ngesikhathi idluliswa noma igcinwe kumasistimu ethu.

Ukusebenzisa Amalungelo Ethu Engasese

Kuye ngokuthi uhlala kuphi (nezinga osebenzisa ngalo amaSevisi), ungase ube namalungelo alandelayo mayelana neMiningwane yakho Yomuntu Siqu ngaphansi kwemithetho esebenzayo yokuvikela idatha:

- *Ukufinyelela* - Ilungelo lokucela ukufinyelela nokuthola ikhophi yanoma imiphi iMiningwane Yomuntu Siqu esingaba nayo ngawe.
- *Ukucisha* Ilungelo lokuyicisha iMiningwane Yomuntu Siqu esiyiqoqile noma esiyitholile, kuye ngemingcele ethile ebekiwe. Uma ufisa ukuyicisha iMiningwane Yomuntu Siqu ehlobene nesivivinyo sokusebenza komuthi, sicela uthinte uMxhasi Wocwaningo. Lapho siyalelwa nguMxhasi, singase siqhubeke nokuyicisha iMiningwane Yomuntu Siqu osinike yona. Uma siyicisha iMiningwane Yomuntu Siqu enjalo, ngeke usakwazi ukuthola amaSevisi athile.
- *Ukulungisa* Ilungelo lokucela ukuthi silungise noma yini engalungile eMiningwaneni yakho Yomuntu Siqu, kuye ngemingcele ethile ebekiwe.
- *Ukuphuma Ekusingathweni Okuthile* - Ilungelo: (a) lokuphuma ekusingathweni kweMiningwane Yomuntu Siqu ngezinjongo zokukhangisa okuqondiswe kwabathile, (b) lokuphuma ekuthengisweni kweMiningwane Yomuntu Siqu noma ekunikweni kwayo abanye; (c) lokubeka imingcele ekusetshenzisweni kweMiningwane Yomuntu Siqu ebucayi (uma kusebenza), kanye (c) nelokukhetha ukuphuma ekusetshenzisweni kwemikhuba yakho ukuze kuqhutshekiswe phambili izinqumo ezibangela imiphumela engokomthetho noma enzulu ngendlela efana naleyo. Asiyiqoqi noma siyisingathe iMiningwane Yomuntu Siqu ebucayi engeyona eyezinjongo ezivunyelwe umthetho (njengesigaba 7027(m) ngaphansi kwe-California Consumer Privacy Act Regulations), ngakho asilikezi ithuba lokukhawulela ukusetshenziswa kwayo. Futhi asiyisebenzisi imikhuba yakho noma

eyomunye umuntu ngendlela ezobangela imiphumela engokomthetho noma enzulu ngendlela efana naleyo, ngakho-ke asilinikezi ithuba lokuphuma.

- *Ukwenqaba/Ukuvimbela Ukusingathwa* – Ilungelo lokusenqabela noma ukusivimbela ukuthi sisingathe iMininingwane yakho Yomuntu Siqu ezimweni ezithile.
- *Ukuhoxisa Imvume* – Ilungelo lokuhoxisa imvume yakho lapho sithembele emvumeni yakho ukuze sisingathe imininingwane yakho yomuntu siqu. Ungase futhi ube nelungelo lokuthola ulwazi mayelana nethuba lokungayinikezeli imvume namayelana nemiphumela yalokho kwenqaba.
- *Ukwenza Izinqumo Ngomshini* – Ilungelo lokwazi uma ubandakanyeka ezinqumweni ezenziwa ngomshini, iMininingwane Yomuntu Siqu esetshenziswa ekukhishweni kwaleso sinqumo, izici eziyinhloko nemingcele ehilelekile kuleso sinqumo, nokubuyekeza noma ukulungisa komuntu leso sinqumo (noma idatha yaso eyisisekelo, lapho kufanele khona). Ungase futhi ube nelungelo lokukuvuma noma lokuphuma kulokhu kwenziwa kwesinqumo ngomshini, kuye ngendawo okuyo.
- *Faka Isikhalazo* – Ilungelo lokufaka isikhalazo esiphathimandleni esiphethe noma kwelinye inxusa elilawulayo uma ukholelwa ukuthi kukhona ilungelo esilephulile kulawo owanikezwa ngaphansi kwemithetho esebenzayo yokuvikela idatha. Sikukhuthaza ukuthi uqale usithinte ukuze sibe nethuba lokuzihlola izinto ezikukhathazayo ngaphambi kokuba wenze kanjalo.

Ngaphandle kwalapho kuphawulwe khona ngenye indlela ngenhla, ukuze usebenzise noma yiliphi lamalungelo engasese owanikezwa ngaphansi kwemithetho esebenzayo yokuvikela idatha, sithumele i-imeyili ekheleni elithi privacy@suvoda.com. Sicela uphawule ukuthi, lapho kusebenza khona, singase sikuyalele ukuthi uthinte uMxhasi woCwaningo oluthintekile ukuze usebenzise amalungelo akho.

Ngeke ubandlululwe nganoma iyiphi indlela ngenxa yokusebenzisa kwakho amalungelo abhalwe kulesi Saziso. Nokho, uma uyihoxisa imvume yakho noma ukwenqaba ukusingathwa kweMininingwane yakho Yomuntu Siqu, noma uma ukhetha ukungayinikezi iMininingwane Yomuntu Siqu ethile, singase singakwazi ukukunikeza amanye, noma onke amaSevisi ethu.

Nguwe kuphela, noma inxusa eligunyaziwe oligunyaza ukuthi lithathe isinyathelo egameni lakho, ongenza isicelo esihlobene neMininingwane yakho Yomuntu Siqu. Ungase futhi wenze isicelo egameni lengane yakho esencane. Kumelwe siqinisekise ukuthi ungubani ngaphambi kokufeza izicelo zakho, futhi uma singakwazi ukuqinisekisa ukuthi ungubani, singase sikucele imininingwane eyengeziwe. Uma uyinxusa eligunyaziwe elenza isicelo egameni lomunye umuntu, kuzodingeka futhi siqinisekise ukuthi ungubani, okungase kudinge ubufakazi obubhaliwe bokugunyazwa kwakho noma ubufakazi begunya lommeli. Siyakulwela ukuphendula izicelo phakathi nesikhathi esifunwa umthetho osebenzayo.

Asikhokhisi mali ngokusingatha noma ngokuphendula izicelo zakho ngaphandle uma ziziningi kakhulu noma ziphindaphinda. Uma sinquma ukuthi isicelo sidinga inkokhiso, sizokutshela ukuthi kungani senze leso sinqumo futhi sikunikeze isihlawumbiselo sezindleko ngaphambi kokufeza isicelo sakho. Singase sizenqabe izicelo ezithile, noma ezinye sizigcwalise ngokwengxenywe kuphela, kuye ngokwalokho okuvunyelwa noma okufunwa umthetho. Uma ungagculisekile ngendlela isicelo sakho esifezwe ngayo futhi ulinikezwa ilungelo lokukhalaza ngaleso sinqumo, uyokwaziswa ngenqubo yethu yokudlulisa isikhalazo empendulweni yethu esicelweni sakho.

Ingasese Lezingane

Asiyiqoqi noma siyicele sazi iMininingwane Yomuntu Siqu ezinganeni, njengoba kuchazwe ngaphansi komthetho osebenzayo, ingekho imvume ebhaliwe yabazali. Uma sithola ukuthi siqoqe iMininingwane Yomuntu Siqu enganeni ingekho imvume enjalo, siyothatha izinyathelo zokuyicisha ngokushesha leyo mininingwane.

Abantu abaseManyuvesi yaseYurophu, Endaweni Yomnotho YaseYurophu, eSwitzerland, eBrazil, nase-United Kingdom

Le ngxenye ihlinzeka ngolwazi olwengeziwe mayelana nokusingatha kweSuvoda iMininingwane Yomuntu Siqu yabantu abase-European Union (“EU”), European Economic Area (“EEA”), eSwitzerland, eBrazil, nase-United Kingdom (“UK”) ngokuvumelana ne-EU Data Protection Regulation, i-LGPD, i-UK Data Protection Regulation, kanye ne-Swiss Federal Data Protection Act.

Isisekelo Esingokomthetho Sokusingatha

Isisekelo sethu esisemthethweni sokusingatha iMininingwane Yomuntu Siqu sincike eMininingwaneni Yomuntu Siqu ethintekile kanye nomongo esiyisingathayo kuwo. Lapho iSuvoda isebenza khona njengomlawuli, sisingatha iMininingwane yakho Yomuntu Siqu: ngemvume yakho; lapho kunesidingo sokwenza isivumelwano; ukuthobela izibopho zethu ezingokomthetho; lapho ukwenza kanjalo kungokwezinzuzo zethu ezisemthethweni (kuhlanganise nezinjongo ezichazwe kulesi Saziso) futhi lezo zinzuzo akudlulwa ngamalungelo nenkululeko yakho; lapho kudingekile ukuvikela izinto ezibalulekile kuwe noma komunye umuntu; futhi/noma lapho kudingekile ukuze kwenziwe umsebenzi owenzelwa ukuzuzisa umphakathi noma owenziwa kusetshenziswa igunya elisemthethweni elithweswe iSuvoda.

ISuvoda iyoqqa iDatha Yesigaba Esikhethekile kuphela lapho sinesisekelo esisemthethweni sokwenza kanjalo esivunyelwe ngaphansi kwe-Article 9 ye-GDPR, kanye ne-Article 11 ye-LGPD esihlanganisa, lapho kudingeka khona, nokuhlinzeka ngamaSevisi. Ukuze sinikeze amaSevisi, singase siqoqe idatha eveza imvelaphi yakho ngokohlanga noma ngokobuzwe noma impilo ngokuhambisana namasevisi esiwahlinzekayo.

Izakhamuzi ZaseCalifornia

Lesi ngxenye ihlinzeka ngolwazi olwengeziwe mayelana nezinqubo zeSuvoda ngokuvumelana ne-California Consumer Privacy Act of 2018 kanye nemithetho-nqubo yayo yokusebenzisa, njengoba uchibiyelwe yi-California Privacy Rights Act (“CCPA”), lapho “iMininingwane Yomuntu Siqu” ichazwa ngendlela ebekwe kuyi-CCPA.

Sicela ubheke ishadi elingezansi ukuze uthole ulwazi oluningiliziwe mayelana nezigaba zeMininingwane Yomuntu Siqu esiyiqoqile ezakhamizini zaseCalifornia ezinyanga eziyishumi nambili ezandulela usuku lesi Saziso esigcine ukubuyekizwa ngalo kanye nezigaba zabantu abaseceleni esibathengisela noma esibanika le Mininingwane Yomuntu Siqu. Ngokuqondene nesigaba ngasinye seMininingwane Yomuntu Siqu esibekwe eshadini elingezansi, izigaba zabantu abaseceleni esidalula kubo ngezinjongo zebhizinisi noma zohwebo zichazwe engxenye enenghla ethi *Indlela Esiyidalula Ngayo Imininingwane Yomuntu Siqu*.

Isigaba seMininingwane Yomuntu Siqu esichazwe ku-Cal. Civ. Code § 1798.140	Izinhlobo Zabantu Abaseceleni Esibathengisela Noma Esiyidalula Kubo iMininingwane Yomuntu Siqu
Imininingwane ekhomba umuntu, ehlanganisa igama langempela, isiteketiso, ikheli leposi, isihlonza-muntu esiyinqayizivele, isihlonzi esiku-inthanethi, ikheli lephrothokholi ye-inthanethi, ikheli le-imeyili, noma ezinye izihlonzi ezinjengalezo.	Abahlinzeki Bamasevisi Abaseceleni
I-California Customer Records Personal Information (I-Cal. Civ. Code § 1798.80(e)), kuhlangukisa negama, isignesha, izici noma incazelo zomzimba, ikheli, inombolo yocingo, imfundo, ukuqashwa, umlando wokuqashwa, njll.	Abahlinzeki Bamasevisi Abaseceleni
Izimpawu zezigaba ezivikelwe ngaphansi komthetho wase-California noma kahulumeni ohlangene. Lokhu kungase kuhlangukise iminyaka yobudala, isimo sobusotsha, imininingwane yendawo yokuhlala, ubulili umuntu azibona nasiveza eyibo, ubulili abukhethayo, kanye nenkolo.	Abahlinzeki Bamasevisi Abaseceleni
Ulwazi lwezentengiselwano, okuhlangukisa namarekhodi empahla yomuntu siqu, imikhiqizo noma amasevisi athengiwe, atholiwe, noma acatshangelwayo, noma eminye imilando noma imikhuba yokuthenga noma ukusebenzisa impahla.	Abahlinzeki Bamasevisi Abaseceleni
Imininingwane yokusebenzisa i-inthanethi nenye inethiwekhi kagesi, okuhlangukisa, kodwa kungacini nje, nomlando wokuphequlula, umlando wokucinga, kanye nolwazi olumayelana nokusebenzelana komuntu nengosi yewebhu, i-app, noma isikhangiso.	Abahlinzeki Bamasevisi Abaseceleni
Idatha Yendawo Emhlabeni , njengekheli lakho le-IP.	Abahlinzeki Bamasevisi Abaseceleni
Idatha eyamukelwa ngezinzwa ehlanganisa nengena ngezindlebe, ngezinto zikagesi, ngamhlo, ngezinga lokushisa, ngamakhala, noma ulwazi olunjengalolo.	Lolu hlobo lweMininingwane Yomuntu Siqu asiluthengisi noma silunike abanye.
Ulwazi lochwepheshe noma oluhlobene nomsebenzi.	Lolu hlobo lweMininingwane Yomuntu Siqu asiluthengisi noma silunike abanye.
Ulwazi lwezemfundo engeyona eyomphakathi njengoba ichazwe kuyi-Family Educational Rights and Privacy Act (20 U.S.C. § 1232g; 34 C.F.R. Part 99)	Lolu hlobo lweMininingwane Yomuntu Siqu asiluthengisi noma silunike abanye.

Okucatshangwayo okuthathwe kunoma yiluphi ulwazi olushiwo ngenhla ukuze kwakhiwe umbono ngawe okuveza okukhethayo, izici, ukusebenza kwengqondo, ukuthambekela, ukuziphatha, isimo sengqondo, ukuhlakanipha, namakhono.	Lolu hlobo lweMininingwane Yomuntu Siqu asiluthengisi noma silunike abanye.
IMiningwane Yomuntu Siqu Ebucayi njengoba ichazwe kuyi-Cal. Civ. Code § 1798.140, kuhlangukise nenombolo kamazisi, inombolo yelayisense yokushayela, ikhadi likamazisi, noma inombolo yepasipoti; uLwazi lokuba yisakhamuzi noma lokuthuthela kwelinye izwe; imvelaphi ngokohlanga noma ngokobuzwe; iminingwane yokungena kuyi-akhawunti (njengamagama abasebenzisi noma izinombolo ze-akhawunti ezihlangane nephasiwedi noma enye ikhodi yokulondeka/yokungena ukuze umuntu angene kuyi-akhawunti); indawo umuntu akuyo ngqo emhlabeni; idatha yezakhi zofuzo; iminingwane yomuntu siqu eqoqwe futhi yahlaziywa mayelana nempilo.	Abahlinzeki Bamasevisi Abaseceleni

LGPD

Ngezinjongo ze-LGPD, ngaphezu kwamalungelo engasese achazwe ngenhla, abantu okuthathwe idatha yabo bangase futhi (i) bacele isiqinisekiso sokusingathwa kwedatha; (ii) bacele ukuthi yenziwe ingaziwa, ivinjwe noma icishwe idatha ebhekwa njengengadingekile, eyedlulele noma engahambisani nemithetho yokuvikelwa kwedatha; (iii) bacele ukuthi yenziwe ithutheke iminingwane yomuntu siqu, lapho kusebenza khona; (iv) bacele ukuthi icishwe iMininingwane Yomuntu Siqu esingathwe ngemvume yomuntu okuthathwe idatha yakhe, ngaphandle kwasezimweni ezihlukile ngokomthetho; (v) bacele ulwazi olumayelana nezinkampani zikahulumeni nezizimele, lezo umlawuli azinike idatha; (vi) bacele ulwazi oluphathelele nemiphumela yokwala nemvume; futhi (vii) bake isikhalazo ku-Brazilian Data Protection Authority (“ANPD”).

Zonke izicelo zokusebenzisa amalungelo abantu okuthathwe idatha yabo ziyohlaziywa futhi, uma zingenakufezwa, siyonikezwa isizathu esifanele.

Ukuze usebenzise amalungelo e-Brazil, sicela uthinte i-Local DPO MKR Consultoria LTDA. suvoda.dpo@mkr.com.br.

Izinguquko kulesi Saziso

Sicela uphawule ukuthi singase sisilungise noma sisithuthukise lesi Saziso ngezikhathi ezithile, ngakho sicela udamane usifunda. Uma senza izinguquko ezibalulekile endleleni esiyiphatha ngayo iMininingwane Yomuntu Siqu, sizokwazisa ngokuvumelana nomthetho osebenzayo. Ngaphandle uma kuboniswe ngenye indlela, noma yiziphi izinguquko ezenziwa kulesi Saziso ziyosebenza ngokushesha nje lapho sichonywa engosini yethu yewebhu ethi <https://www.suvoda.com/suvoda-privacy-policy-and-terms-of-use>. Kuwumthwalo wakho ukudamane ungena kule Platifomu ukuze uhlole ukuthi azikho yini izinguquko.

Sithinte

Uma unemibuzo mayelana nezindlela zethu zokwenza noma nalesi Saziso, sicela usithinte ekhelini elithi privacy@suvoda.com.